ISIZULU LIFE SKILLS

# National Curriculum Statement (NCS)

## Curriculum and Assessment Policy Statement




## Foundation Phase
## Grades R-3

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO LWEZIFUNDO NOKUHLOLA KUKAZWELONKE
# AMABANGA R-3

# AMAKHONO EMPILO

**Department of Basic Education**

222 Struben Street
Private Bag X895
Pretoria 0001
South Africa
Tel: +27 12 357 3000
Fax: +27 12 323 0601

120 Plein Street Private Bag X9023
Cape Town 8000
South Africa
Tel: +27 21 465 1701
Fax: +27 21 461 8110
Website: http://www.education.gov.za

**© 2011 Department of Basic Education**

**ISBN: 978-1-4315-0428-2**

Design and Layout by: Ndabase Printing Solution

Printed by: Government Printing Works

# FOREWORD BY THE MINISTER



Our national curriculum is the culmination of our efforts over a period of seventeen years to transform the curriculum bequeathed to us by apartheid. From the start of democracy we have built our curriculum on the values that inspired our Constitution (Act 108 of 1996). The Preamble to the Constitution states that the aims of the Constitution are to:

- heal the divisions of the past and establish a society based on democratic values, social justice and fundamental human rights;
- improve the quality of life of all citizens and free the potential of each person;
- lay the foundations for a democratic and open society in which government is based on the will of the people and every citizen is equally protected by law; and
- build a united and democratic South Africa able to take its rightful place as a sovereign state in the family of nations.

Education and the curriculum have an important role to play in realising these aims.

In 1997 we introduced outcomes-based education to overcome the curricular divisions of the past, but the experience of implementation prompted a review in 2000. This led to the first curriculum revision: the *Revised National Curriculum Statement Grades R-9* and the *National Curriculum Statement Grades 10-12* (2002).

Ongoing implementation challenges resulted in another review in 2009 and we revised the *Revised National Curriculum Statement* (2002) to produce this document.

From 2012 the two 2002 curricula, for *Grades R-9* and *Grades 10-12* respectively, are combined in a single document and will simply be known as the *National Curriculum Statement Grades R-12.* The *National Curriculum Statement for Grades R-12* builds on the previous curriculum but also updates it and aims to provide clearer specification of what is to be taught and learnt on a term-by-term basis.

The *National Curriculum Statement Grades R-12* accordingly replaces the Subject Statements, Learning Programme Guidelines and Subject Assessment Guidelines with the

(a) Curriculum and Assessment Policy Statements (CAPS) for all approved subjects listed in this document;

(b) *National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement Grades R-12*; and

(c) *National Protocol for Assessment Grades R-12.*



**MRS ANGIE MOTSHEKGA, MP**
**MINISTER OF BASIC EDUCATION**

# OKUQUKETHWE

**ISIGABA SOKU - 1: ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO LWEZIFUNDO NOKUHLOLA KUKAZWELONKE....... 3**

**1.1 Isendlalelo ....... 3**

**1.2. Ulwazi Jikelele ....... 3**

**1.3. Izinhloso ezivamile zoHlelo Lokufunda LwaseNingizimu Afrika ....... 4**

**1.4. Ukwabiwa kwesikhathi....... 6**

1.4.1 Isigaba Esiyisisekelo....... 6

1.4.2 Isigaba Esiphakathi Nendawo ....... 7

1.4.3 Isigaba Esiphakeme ....... 7

1.4.4 Amabanga 10-12....... 8

**ISIGABA SESI -2: OKUQUKETHWE ESIFUNDWENI SAMAKHONO EMPILO ....... 9**

**2.1 AYINI AMAKHONO EMPILO?....... 9**

**2.2 Imiphumela eqondile....... 9**

**2.3 Ukuchaza ngezizinda zamakhono empilo ....... 9**

**2.4 Ukufundisa emaBangeni aPhansi....... 11**

2.4.1 Imisebenzi yansuku zonke ....... 11

2.4.2 imisebebenzi yokudlala ngokukhululeka yangaphakathi nangaphandle....... 12

2.4.3 Imisebenzi ehleliwe ....... 12

2.4.4 Amakhono okuqonda ....... 13

**2.5 Izinsizakufunda zesifundo sAmakhono Empilo ....... 14**

**2.6 Isikhathi esibekelwe izinhlaka zokufundiswa kwamakhono empilo emabangeni aphansi ....... 15**

**2.7 Izihloko ....... 15**

**2.8 Isisindo sezihloko ....... 15**

**2.9 Ukulandelana nenqubekelaphambili ....... 15**

**ISIGABA SESI - 3: OKUFUNDWAYO IBANGA NGALINYE ....... 16**

**ISIGABA SESI - 4: UKUHLOLA....... 67**

**4.1 Isingeniso ....... 67**

**4.2 Uhlelo lokuhlola....... 68**

**4.3 Ukubhekelela zonke izimo zabafundi ....... 68**

**4.4 Ukuqopha impumelelo nokuBika....... 68**

**4.5 Okujwayelekile....... 68**

# ISIGABA SOKU - 1: ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO LWEZIFUNDO NOKUHLOLA KUKAZWELONKE

## 1.1. Ulwazi lwaphambilini

*IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12* (uTAHFUZWE) sikhombisa inqubomgomo yezinhlelo zezifundo kanye nezokuhlola emkhakheni wokufunda esikoleni.

Ukuze kwenziwe ngcono ukusetshenziswa kwaso, kwadingeka ukuthi kube nezichibiyelo ezithile ezizoqala ukusebenza ngoMasingana ngonyaka wezi-2012. Kwabe sekubhalwa umqulu owodwa odidiyele *IsiTatimende SeNqubomgomo YoHlelo LweziFundo NokuHlola KukaZwelonke* saleso naleso sifundo, okuwumqulu othatha isikhundla *seziTatimende Zesifundo, umHlahlandlela Wohlelo lokuFunda kanye nomHlahlandlela WokuHlola Izifundo eBangeni-R kuya kwele-12*.

## 1.2 Isendlalela

(a) IsiTatimende *SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 (kuMasingana ngonyaka wezi-2012)* simele inqubomgomo yokufunda nokufundisa ezikoleni zaseNingizimu Afrika futhi siqukethe lokhu:

(i) IsiTatimende seNqubomgomo yoHlelo LweziFundo nokuHlola kuleso naleso sifundo esifundwayo.

(ii) Umqulu weNqubomgomo, i-*National Policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12,kanye*

(iii) Nomqulu weNqubomgomo*, i-National Protocol for Assessment IBanga-R kuya kwele-12 kuMasingana ngonyaka we-2012).*

(b) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga*-R-12 *(kuMasingana 2012), sithatha indawo yeziTatimende zoHlelo LweziFundo lukaZwelonke ezimbili ezikhona njengamanje; okuyilezi*

*(i)* *IsiTatimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke Olubukeziwe IBanga-R kuya kwelesi-9, IGazethi KaHulumeni* ye-23406 zingama-31 kuNhlaba ngonyaka wezi -2002 kanye

*(ii)* *IsiTatimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke IBanga le-10 kuya kwele-12, IGazethi KaHulumeni* ye-25545 ziyi-6 kuMfumfu ngonyaka we-2003 neye-27594 ziyi-17 kuNhlaba ngonyaka we-2005.

(c) NesiTatimende soHlelo LweziFundo lukaZwelonke esibekwe sacaciswa esigabeni u-b(i) kanye no-(ii) siqukethe le miqulu yenqubomgomo elandelayo esizomiswa ukusetshenziswa kuthi esikhundleni sayo kungene is*iTatimende soHlelo LweziFundo IBanga-R kuya kwele-12 kusuka ngonyaka wezi-2012 kuya kowezi-2014:*

(i) Isifundo/isiTatimende sesiFundo, umHlahlandlela woHlelo lokuFunda kanye nomHlahlandlela wokuHlola kwesiFundo IBanga-R kuya kwelesi-9 kanye nebanga le-10 kuya kwele-12;

(ii) Umqulu wenqubomgomo, i*National Policy on Assessment and Qualification for Schools in the General Education and Training Band okwashicilelwa kwaba umthetho kuGovernment Notice No.124 kuGovernment Gazette No. 29626 mhla ziyi-12 kuNhlolanja ngonyaka wezi-2007.*

(iii) Umqulu weNqubomgomo, i-*National Senior Certificate: iKhwalifikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF),* elishicilelwa laba semthethweni *kuGovernment Gazette No. 27819* mhla zingama- 20 kuNtulikazi ngonyaka wezi-2005;

(iv) Umqulu weNqubomgomo*, isichibiyelo somqulu wenqubomgomo, weNational Senior Certificate: iKhwalifikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF), ukubhekelela izingane ezinezidingo eziyisipesheli,* elethulwa *kuGovernment Gazette, No. 29466* mhla ziyi-11 kuZibandlela ngonyaka wezi-2006, lifakiwe nalo kulo mqulu wenqubomgomo, i-*National Policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12; kanye;*

(v) Nomqulu wenqubomgomo,*isichibiyelo somqulu wenqubomgomo, weNational Senior Certificate: iKhwalifikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF),* ukubhekelela i-*national Protocol for Assessment (IBanga-R kuya kwele-12), elashicilelwa laba semthethweni kuGovernment Notice No. 1267 kuGovernment Gazette No. 29467* mhla ziyi-11 kuZibandlela ngonyaka wezi-2006*;*

(d) Umqulu wenqubomgomo, *i-National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12,* kanye nezigaba ezitholakala esiTatimendeni seNqubomgomo soHlelo LweziFundo nokuHlola njengoba kubekiwe ezahlukweni kusuka kwesesi-2,3 kanye nesesi-4 kulo mqulu kuyingxenye yemithetho nemigomo *yesiTatimende soHlelo LweziFundo IBanga-R kuya kwele-12.* Ngalokho-ke, *ngokuka Section 6 A* we*South African Schools Act,1996 (Act No.84 of 1996,)* kwakha isisekelo sokuthi uNgqongqoshe weMfundo esemaZingeni aPhansi ukunquma imiphumela kanye nemigomo emincane nje okungasukelwa kuyo, kanye nenqubo, nendlela yokwenza ukuhlola kokuphumelela komfundi ukuba kusetshenziswe ezikoleni zomphakathi nalezo ezizimele.

### 1.3 Izinhloso ezivamile zohlelo LweziFundo zaseNingizimu Afrika

(a) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke IBanga-R kuya kwele-12* sikhombisa lokho okuthathwa ngokuthi kungulwazi, amakhono namagugu adinga ukufundwa ezikoleni zaseNingizimu Afrika. Lolu hlelo LweziFundo luhlose ukuqinisekisa ukuthi abafundi bathola babuye basebenzise ulwazi namakhono njengendlela ahambisana ngayo nezimpilo zabo. Ngale ndlela uhlelo LweziFundo lukhulisa ulwazi lwezimo abaphila kuzona, bebe benozwelo kuzibopho zomhlaba jikelele.

(b) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 sihlose lokhu:*

- Ukuhlomisa abafundi, noma ngabe bavela kuziphi izimo zenhlalo yomphakathi nezomnotho, ubuzwe, ubulili, ukukwazi ukusebenzisa umzimba nengqondo/ukuhlakanipha, ngolwazi, amasu nokungamagugu adingekayo ukuze bakwazi ukuzenelisa, nokubamba iqhaza elibonakalayo emphakathini njengezakhamuzi zezwe elikhululekile.
- Ukuvumela abafundi ukuba bangene emikhakheni yemfundo ephakeme.
- Ukwenza kube lula kubafundi ukwedlulela ezikhungweni zemisebenzi ngemuva kokuqeda esikoleni/ imfundo yamaBanga aphakeme; kanye
- Nokwedlulisela kubaqashi ulwazi oluphelele ngamakhono nakwazi ukukwenza ngempumelelo umfundi.

(c) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 sesekwe yile migomo elandelayo:*

- *Ukuguquka kwezenhlalo yomphakathi*; ukubhekelela ukungalingani kwezemfundo ngesikhathi esedlule ukuze kulungiswe, nokuthi amathuba okufunda alinganayo atholwe yiwo wonke umphakathi;

- *Ukufunda ngokuphapheme nangokuhlolisisa*; ukukhuthaza indlela yokufunda ngokuphapheme nangokuhlolisisa ekufundeni, kunokuthi abafundi bamane bagxishe emakhanda lokho abanikwe khona bebe bengayiqondi incazelo yakho;

- *Ulwazi oluphakeme namakhono aphakeme*, ubuncane obemukelekile umthetho wokulinganisa ulwazi okumele luzuzwe eBangeni ngalinye kumele bucaciswe, kubekwe nemigomo ephezulu okumele izuzwe kuzo zonke izifundo;

- *Inqubekela phambili yolwazi*; okuqukethwe nengqikithi yalelo nalelo banga kukhombise inqubekela phambili ukusuka kokulula kuya kokulukhuni.

- *Amalungelo esintu, ukudidiyela, ubulungiswa bezemvelo nezenhlalo yomphakathi;* ukufaka imigomo nenkambiso yobulungiswa bezemvelo nezenhlalo kanye namalungelo esintu njengoba echaziwe kumThethosisekelo waseNingizimu Afrika. IsiTatimende soHlelo LweziFundo lukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 (Jikelele) sinozwela ezindabeni zokwehlukahlukana kwesintu njengobuphofu, ukungalingani, ubuzwe, ubulili, ulimi, ubudala nokukhubazeka kanye nezinye izimo;

- *Ukwazisa ngezinhlelo zolwazi lwendabuko*, ukwazisa ukunotha komlando namasiko aleli zwe, nomthelela obalulekile wokufundisa ngamagugu aqukethwe ngumThethosisekelo okube nawo njengomsuka wenguquko ukusiza ekuguquleni amagugu abafundi; kanye

- *Nokukholakala, uhlonze kanye nokwenza ngempumelelo*, ukuhlinzeka ngohlobo lwemfundo olungaqhathaniseka ngokuqeqesheka ºnangazo zonke ezinye izindlela njengakwamanye amazwe.

(d) Isitatimende Sohlelo LweziFundo Lukazwelonke seBanga-R kuya kwele-12 sihlose ukukhiqiza abafundi abazokwazi :

- Ukubona baxazulule izinkinga, bakwazi nokwenza izinqumo besebenzisa ukucabanga ngokuhlaziya nangobuchule;

- Ukusebenza ngokuzinikela nabanye njengamalungu eqembu;

- Ukulungiselela, bakwazi ukuziphatha bona baphathe nemisebenzi yabo ngokuyikho;

- Ukuqoqa, bahlaziye, bahlele, bahlanganise, bahlolisise ngokucubungula ulwazi.

- Ukuxoxisana ngempumelelo besebenzisa izinto ezibukwayo, ukufanekisa ngezimpawu kanye namanye amakhono olimi ezimweni ezahlukene;

- Ukusebenzisa isayensi nobuchwepheshe ngempumelelo nangokuhlolisisa bekhombisa nokuzinikela kwezemvelo kanye nempilo yabanye; kanye

- Nokukhombisa ukuqondisisa umhlaba njengenkundla yezinhlelo ezihlobene ngokubona ukuthi izimo zokuxazulula izinkinga azenzeki ngazodwana.

(e) *Ukuhlanganisa izinhlobo zabafundi* yikho okumele kube ngumgogodla ezikhungweni zomsebenzi, ukulungiselela nokufundisa kuleso naleso sikole. Lokhu kungenzeka kuphela uma bonke othisha bekuqonda kahle ukuthi bazobabona futhi babasize kanjani abafundi abanezihibe ekufundeni, nokuthi bazokuhlelela kanjani ukwehlukahlukana kwabafundi.

Okusemqoka ngokuhlanganisa izinhlobo zabafundi, ukuqinisekisa ukuthi zonke izithiyo ziyabonwa zigudluzwe ngayo yonke indlela ezikoleni, kumbandakanya othisha, amakomidi asemahhovisi ezemfundo, amakomidi ezikoleni, abazali kanye nezikole ezikhethekile ezisetshenziswa njengemithombo yolwazi. Ukugudluza izithiyo emakilasini, othisha bangasebenzisa amaqhinga ahlukene ezinhlelo zezifundo njengalezo ezitholakala eMnyangweni wezeMfundo eyisisekelo: *Guidelines for Inclusive Teaching and Learning (2010).*

## 1.4 Ukwabiwa kwesikhathi

### 1.4.1 IsiGaba esiyisiSekelo

(a) Isikhathi sokufundisa emkhakheni weSigaba Esiyisekelo sinjengoba sikhonjisiwe kuleli thebula elingezansi:

| ISIFUNDO | IBanga-R (AMAHORA) | IBanga LOKU-1 KUYA KWELESI-2 (AMAHORA) | IBanga LESI-3 (AMAHORA) |
|---|---|---|---|
| ULimi LwaseKhaya | 10 | 7/8 | 7/8 |
| ULimi lokuQala lokwEngeza | | 2/3 | 3/4 |
| Izibalo | 7 | 7 | 7 |
| Amakhono Empilo: | **6** | **6** | **7** |
| • Ulwazi Lokuqala | (1) | (1) | (2) |
| • Ubuciko nomsebenzi wezandla | (2) | (2) | (2) |
| • Isifundo Sokuzivocavoca | (2) | (2) | (2) |
| • Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini | (1) | (1) | (1) |
| **ISAMBA** | **23** | **23** | **25** |

(b) Isikhathi sokufundisa seBanga-R, 1 neBanga lesi-2, amahora angama-23 kuthi IBanga lesi-3 kube ngamahora angama-25.

(c) Izilimi zabelwe amahora ayi-10 eBangeni-R kuya kwelesi-2 kanye namahora ayi-11 eBangeni lesi-3. Isibalo esiphezulu samahora ayisi-8 nesibalo esiphansi esingamahora ayi-7 sabelwe ULimi LwaseKhaya kanye nesibalo esiphansi esingamahora ama-2 nesibalo esiphezulu esingamahora ama-3 soLimi LokuQala LokwEngeza eBangeni loku-1 kuya kwelesi-2. EBangeni lesi-3 isibalo esiphezulu esingamahora ayisi-8 nobuncane obungamahora ayisi-7 sabelwe iziLimi aseKhaya kanye nobuncane obungamahora ama-3 nobuningi obungamahora ama-4 oLimini LokuQala lokwEngeza.

(d) Esifundweni samakhono olwazi lokuqala, kwabiwe ihora eli-1 eBangeni-R kuya kwelesi-2 kanye namahora ama-2 njengoba kukhonjisiwe ngamahora akubakaki ethebulini eBangeni lesi-3:

### 1.4.2 IsiGaba esiPhakathi neNdawo (iBanga lesi- 4 kuya kwelesi-6)

Leli thebula elingezansi likhombisa izifundo nesikhathi sokufundisa esibekiwe sesigaba esiphakathi nendawo:

| ISIFUNDO | AMAHORA |
|---|---|
| ULimi LwaseKhaya | 6 |
| ULimi lokuQala lokwEngeza | 5 |
| Izibalo | 6 |
| Isayensi nobuchwepheshe | 3,5 |
| Isayensi yezokuhlalisana kwabantu | 3 |
| Amakhono Empilo<br>• Ubuciko Bokusungula<br>• Isifundo sokuzivocavoca<br>• Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini | **4**<br>**(1.5)**<br>**(1)**<br>**(1.5)** |
| **ISAMBA** | **27,5** |

### 1.4.3 IsiGaba esiPhakeme

(a) Isikhathi sokufundisa IsiGaba EsiPhakeme simi ngale ndlela:

| ISIFUNDO | AMAHORA |
|---|---|
| ULimi LwaseKhaya | **5** |
| ULimi lokuQala lokwEngeza | **4** |
| Izibalo | **4.5** |
| Isayensi yezemvelo | **3** |
| Isayensi yokuhlalisana komphakathi | **3** |
| Ezobuchwepheshe | **2** |
| Isayensi yokuphathwa komnotho | **2** |
| Ukwazi ngamakhono empilo | **2** |
| Ubuciko Bokusungula | **2** |
| **ISAMBA** | **27,5** |

**1.4.4 IBanga le-10 kuya kwele-12**

(a) Isikhathi sokufundisa eBangeni le 10 kuya kwele-12 simi ngale ndlela:

| ISIFUNDO | UKWABIWA KWESIKHATHI NGESONTO (AMAHORA) |
|---|---|
| ULimi LwaseKhaya | **4.5** |
| ULimi lokuQala lokwEngeza | **4.5** |
| Izibalo | **4.5** |
| Ukwazi amakhono empilo | **2** |
| Okungenani kungakhethwa izifundo ezintathu **eqoqweni B** Isengezelelo B, Ithebula B1 kuya ku-B8 kumqulu wenqubomgomo, *National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12,* isifundo ngenkombandlela ebhalwe esigabeni sama-28 kumqulu weNqubomgomo obhalwe ngenhla. | **12 (3xAmahora ama-4)** |
| **ISAMBA** | **27,5** |

Ukwabiwa kwesikhathi ngesonto kungasetshenziswa kuphela esibalweni esiphansi esidingekayo sezifundo zesiTatimende soHlelo LweziFundo lukaZwelonke (TAHFUZWE) njengoba kukhonjisiwe ngenhla, akumele kusetshenziswe kunoma yiziphi izifundo ezengeziwe ohlwini lwenani lezifundo ezivunyelwe. Uma umfundi efisa ukwengeza ezinye izifundo, isikhathi kumele sandiswe ukwenelisa lezo zifundo.

# ISIGABA SESI - 2: OKUQUKETHWE ESIFUNDWENI SAMAKHONO EMPILO

## 2.1 Ayini amakhono empilo?

Isifundo sAmakhono empilo siwumnyombo wokukhulisa umntwana ngokuphelele. Simayelana neNhlalakahle, ubuyena, ubuhlakani, imizwa ukukhula ngokomzimba nangendlela lezi zinto ezihlangana ngayo.

Ku-CAPS isifundo sAmakhono Empilo emaBangeni aPhansi R-3 zihlukaniswe kane; Ukuqala koLwazi, uBuyena, neNhlalakahle yakhe, ubuciko bokusungula kanye neSifundo Sokuzivocavoca. Amakhono Empilo ahlelwe ngale ndlela ukuqinisekisa amakhono ayisendlalelo, amagugu nolwazi lokuthuthukiswa kobuntwana emazingeni aphansi nasezifundweni ezenziwa kusukela kubanga lesi-4 kuya kwele-12 ayafundiswa abuye athuthukiswe emaBangeni aPhansi(R-3). Ukuqala kolwazi, uBuyena neNhlalakahle yakhe kuhlanganiswe ezihlokweni ezifundiswayo. Amakhono Empilo angena kuzozonke izifundo axhase aphinde aqinise ukufundiswa kwezifundo zasemaBangeni aPhansi njengoLilmi LwaseKhaya nolokweNgeza.

## 2.2 Imiphumela eqondile

Isifundo sAmakhono Empilo senzelwe ukuqondisa nokulungiselela abafundi ngempilo nokungenzeka, kufaka ukulungiselela abafundi impilo efanele nenempumelelo ukuze ukumelana noshintsho olwenzekayo emphakathini. Ngalesifundo samakhono Empilo abafundi bavezelwa ulwazi oluhlukene, amakhono namagugu ukubaqinisa:

- Ngokomzimba, inhlalakahle, ubuyena, imizwa, nokuthuthuka kwengqondo.
- Amakhono okuzenzela nokukwazi ukubona ubuhle kanye nolwazi ngokudansa/ukusina, ukucula, ukulingisa kanye nemisebenzi yobuciko bokusungula izinto ezibonakalayo. .
- Ulwazi lwempilo yakhe nokuphepha;
- Ukuqonda ubudlelwano phakathi kwabantu nendawo.
- Ukuqwashisa ngobudlelwano bokuphilisana, izindlela zobuchwepheshe bokusungula nesayensi esemazingeni abo.

## 2.3 Ukuchaza izingxenye zAmakhono Empilo ezifundwayo

**Ukuqala koLwazi uBuyena kanye nezeNhlalakahle**

*Ukuqala koLwazi*

ULwazi kanye nomqondo wokuQala koLwazi luthathelwe ezifundweni zesayensi yenhlalo yomphakathi (eZomlando neZezwe neZalo); iSayensi yeZemvelo nobuchwepheshe. Imiqondo okuyiyonayona kanye namakhono ahlobene nalemikhakha kunqubomgomo emazingeni aphansi achazwe kabanzi ngezansi:

*Umqondo wesayensi yomphakathi*: Ukongiwa kwemvelo imbangela, nomphumela, indawo, injwayezi, ubudlelwano, nokuphilisana, ukwehlukana nokuzimela kanye noshintsho;

*Umqondo wesayensi yezemvelo:* impilo nokuphilayo, amandla noshintsho, izinto ezibonakalayo nezingabonakali; umhlaba nokungale;

*Amakhono enqubo yesayensi:* inqubo yocwaningo ifaka ukubhekisisa, ukuqhathanisa, ukuhlela, ukulinganisa, ukuhlola kanye nokuxhumana**.**

*Izindlela zamakhono obuchwepheshe*: ukuphenya, ukwenza uhlaka, ukwenza, ukuhlola ukuxhumana.

**UBuyena neNhlalakahle**

UBuyena neNhlalakahle isifundo esiyingqikithi esibalulekile kubafundi abasebancane ngoba basafunda ukuzinakekela nokuzigcina bephilile. Lengxenye yesifundo ifaka ukuphila ngokwenhlalo, ukuphila ngokwemizwa kanye nobudlelwano nabanye abantu kanye nendawo esiphila kuyo kufaka amagugu nendlela yokucabanga. Lengxenye yesifundo, uBuyena neNhlalakahle, isiza abafundi ukuthatha izinqumo eziphusile nabangazimela ngempilo yabo nendawo abahlala kuyo. Ikhuluma ngezinto eziphathelene ngokondliwa komzimba, izifo, njengesandulela ngculazi/nengculazi, ukuphepha, isihluku, ukuhlukunyezwa, ngempilo yendawo. Abafundi bazothuthukisa amakhono ngokuxhumana okwamukelekile bese befaka isandla emndenini, emphakathini nasendaweni abahlala kuyo, futhi belandela amagugu njengoba kuvela kumthetho sisekelo. Abafundi bazofunda ukusebenzisa amalungelo abo nokwenza okufanele njengoba kushicilelwe kumthetho sisekelo, ukuhlonipha amalungelo abanye nokubekezelelana ngokwahlukana kwamasiko nezenkolo ukuze bafake isandla emphakathini okhululekile.

**Ubuciko bokusungula**

Ubuciko bokusungula buvezela abafundi ubuciko obuyizinhlobo ezine: ukudansa/ukusina, ukulingisa, ukucula, ubuciko bokubonakalayo. Inhloso yobuciko bokusungula ukuthuthukisa abafundi ekusunguleni, ekucabangeni ngokuzimela nokwazisa lobuciko. Iphinde inikeze ulwazi oluyisisekelo namakhono ukuze bakwazi ukubamba iqhaza emsebenzini yokuzenzela. Abafundi bamaBanga aPhansi banamakhono okuzenzela kanti ukudlala iyona ndlela yabo yokufunda ubuciko. Abafundi kumele bakhonjiswe indlela yokusebenzisa ulwazi lwabo lwemvelo lokwakha isithombe ngokomqondo, ukuphatha nokusebenzisa izinto, ukunyakaza nokwenza umculo kanye nokuxoxa izindaba. Abafundi kumele bazame futhi bathuthukise imibono yabo yokuzenzela izinto besusela olwazini lwabo, besebenzisa imizwa yabo, abakubonile nendlela abazizwa ngayo. Ukufunda kumele kugxile ekuthuthukisweni kwamakhono ngendlela ejabulisayo, ngolwazi abanalo, kunokuthi basebenzele ukukhiqiza izinto ezisezingeni eliphezulu ngethemu ngayinye. Ukwethulwa kwalamakhono okuzenzela kusemqoka ukuthuthukisa amakhono avela ngokusebenzisa izicubu ezincane nezinkulu zomzimba. Ubuciko bokusungula buhlose ukwakha isisekelo esilingene, ngokomqondo, ngokwemizwa, nangokuthuthuka kwenhlalo. Ngokwenqubomgomo isifundo sobuciko bokusungula sakhiwe ngezinhlaka ezimbili ezilinganayo nezihambisanayo - ubuciko bokubonakalayo nobuciko bokusungula (ukudansa/ukusina, ukulingisa, ukucula).

**Ubuciko bokubonakalayo** buthuthukisa amakhono emizwa exhumene nokunyakaza noku hambisana kwezicubu ezincane nezinkulu zomzimba ngokusebenzisa izinto ezehlukene kanye nokwazi amaqhinga amaningi obuciko. nezicubu ezincane nezinkulu zomzimba ziyahlangana ngokusebenzisa izinhlobo ezahlukene zamaqhinga obuciko. **Onhlangothimbili (2D**) bahlose ukuthuthukisa ulwazi lwabafundi ngomhlaba abaphila kuwo besebenzisa ukubona nokukhuthazeka kwezinzwa nokubonisana, nokubuzana nokugqugquzela imidwebo ekhombisa umnyakazo womzimba; ukungqengqa, ukugijima, ukuhlala, ukulala. Ayikho indlela eyiyo yokudweba kanti abafundi kumele bagqugquzelwe ukuveza imizwa yabo ngokukhululeka ngaphandle kokwesaba ukugxekwa. Umsebenzi wezinto ezinhlangothintathu **(3D**) uthuthukisa ulwazi lwezimo endaweni ngokuhlanganisa izingcezu zobumba, ukunamathelisa iphepha kwelinye, ukusika izimo, ukuzigoqa ukuzibopha nokuzisonga. Ukusetshenziswa kwezinto zobuciko kufanele kufakwe kuleso naleso sifundo sobuciko bokubonakalayo. Lokhu kusho ukuthi abafundi kufanele basebenzise ukukhuluma ngemigqa, ngezimo nemibala

**Ubuciko bokwenza** maBangeni aPhansi buvulela amathuba kubafundi okuba bakwazi ukukhuluma ngobuciko, ukulingisa, ukucula, ukwenza umculo, ukudansa/ukusina bafunde nokunyakaza ngendlela ethile.Ubuciko bokusungula abafundi bathuthukisa amakhono kunyakazisa umzimba nokwenza izinto ngendlela yabo. Ubuciko bokusungula bugqugquzela ikhono lokukhumbula, buthuthukisa ubudlelwane nokuzethemba kanye nokuzithiba. **Imidlalo yokuzenzela namakhono** ilolonga umzimba nephimbo,kanti imidlalo isetshenziswa njengesikhali sokufundisa amakhono. **Ukusebenzisa abanakho nokuhumusha** kusiza abafundi ukwakha umculo, ukunyakaza kanye nokulingisa ngayedwa noma beyiqembu.

**Isifundo sokuzivocavoca**

Ukuthuthuka kwamakhono ezicubu ezincane nezinkulu nokuthuthuka ngemcabango kuyisidingongqangi emaBangeni aPhansi.

Ukuthuthukiswa kwendlela yokunyakazisa umzimba kuyingxenye yokuthuthukisa abafundi ngokuphelele. Ukudlala ukunyakazo nezemidlalo kuthuthukisa amagugu ngendlela yokucabanga. Lengxenye igxile ekuthuthukiseni umqondo, nokunyakaza, isigqi, ukuzimelela kanye nokwazi izingxenye zombili zomzimba EmaBangeni aPhansi kugxilwa emidlalweni nasemisebenzini ezokwenza ukuthi umfundi abambe iqhaza emidlalweni. Ukukhula ngomzimba, ukuthuthuka, nokudlala kuyagcizelelwa.

## 2.4 Ukufundisa emaBangeni aPhansi

Abafundi beBanga R bangangena emazingeni aphakathi koku- 0-4 okukhula. Ngalesizathu i-National Learning Developmental Standards (NELDS) ingusomqulu obalulekile ukuhlela, ukufundisa nokufunda. Kunamakhono abalulekile okufanele atholwe abafundi abasebancane futhi bawaqonde ngaphambi kokuba bafike eBangeni loku-1, kanti iBanga R kufanele libasize ukuthola lamakhono. Indima ebalulekile kathisha webanga R ukuthi enze indawo yokufunda ephephile, ehlanzekile, enakekelayo, enamathuba anele okudlala nokufunda umhlaba ngokunakekelwa nokuholwa uthisha.

Uthisha kumele abahlinzeke ngalokhu:

- Okwenzeka njalo, imisebenzi ehlelelwe ukudlala ngokukhululekile ejabulisayo nelawulekayo kubafundi. ;
- Uhla lwezinsizakufundisa zohlelo lokwenzeka njalo, imisebenzi ehleliwe nokudlala ngokukhululekile.
- Indawo yokufunda aqashelwe, elungiselelwe abantwana nabakwazi ukufinyelela kuyo kalula.

Bonke abafundi kumabanga aphansi, ikakhulukazi beBanga R, akufanele bahlale emadeskini sonke isikhathi. Okungenani mabahlale endaweni ekhululekile enezingubo zokulala nemicamelo kanye nendawo yokusebenzela enezitulo namatafula lapho bangadlala khona, basebenze ngokunyakaza bekhululekile.

Ngokujwayelekile uhlaka lomsebenzi wosuku lwamabanga aphansi lwakhiwe imisebenzi eyenzeka njalo, imidlalo edlalwa ngokukhululekile yangaphakathi neyangaphandle nemisebenzi ehleliwe. Imisebenzi eyenzeka njalo naleyo ekhululekile iyingxenye yAmakhono Empilo etholakala kunqubomgomo (CAPS) ngoba ijwayele ukufaka abafundi esifundweni sokuvocavoca umzimba noma isifundo sezempilo.

### 2.4.1 Imisebenzi yendlela emile nejwayelekile

Imisebenzi yendlela emile nejwayelekile yenziwa ngesikhathi esifanayo nsuku zonke. Okungenani imizuzu eyishumi ebekelwe isifundo sAmakhono empilo kufanele kufanele isetshenziselwe imisebenzi yansukuzonke isb. ishadi

lezinsuku lingathatha imizuzu eyishumi yesikhathi esibekelwe ukuqala kolwazi, ngoba abafundi bafunda ngezinsuku zesonto, izinyanga nezinsuku. Imizuzu eyishumi ibekelwe ubuciko bokusungula engasetshenziselwa ukuqoqa izinto zokusebenza njengoba lokho kubalulekile ezifundweni zamakhono. Imizuzu eyshumi ikalelwe uBuyena neNhlalakahle ingasetshenziselwa ukuhlola impilo masonto onke noma nyangazonke, kanye nokuqoqa izinto ezisetshenzisiwe nokugqoka ngokufanele.

Imisebenzi yokwenzeka njalo ifaka:

- Ukubingelela nokuvalelisa;
- Izikhathi zokuya ngasese
- Ishadi lezinsuku zokuzalwa
- Ishadi lezinsuku
- Ishadi lezempilo;
- Ukulungiselela isifundo sobuciko bokusungulaa nokunyakazisa imizimba isb. Ukugqoka amaphinifa, ukukhumula izicathulo;
- Isikhathi sokuqoqa emva kwemisebenzi nokudlala ngokukhululekile.

**2.4.2 Imisebebenzi yokudlala ngokukhululeka yangaphakathi nangaphandle**

Imidlalo ekhululekile ingadlalwa ngaphakathi nangaphandle noma ndawo zombili. Isikhathi esimiselwe isifundo sokunyakazisa umzimba nobuciko bokusungula kungasetshenziswa emidlalweni ekhululekile ngoba amakhono okusebenzisa umzimba angathuthukiswa ngesikhathi sokudlala ngokukhululekile ukwelekelela ukufundwa kwalezizingxenye ezimbili.

Izibonelo zemidlalo ekhululekile:

| Imidlalo ekukhululekile yangaphakathi ngaphakathi | Imidlalo ekhululekile yangaphandle |
|---|---|
| Ubuciko obukhululekile (ukupenda, ukudweba, ukubumba) | Imidlalo yamanzi (nodaka) |
| Ukudabula, ukusika | Imidlalo yesihlabathi |
| ukunamathisela | Imidlalo yemizwa |
| Indawo yamabhuloki | Imidlalo yemicabango |
| Imisebenzi yezicubu ezincane (ukubamba ipensela, amaphazili, ukutshutsha, ukuphica, njll.) | Umdlalo wezicubu ezinkulu (ukungqengqa, ukujikela ukuzimelela, njll) |
| Ibhokisi lesihlabathi | Imidlalo yayamabhuloki |
| Imidlalo yemicabango | Umdlalo webhola |
| Indawo yezincwadi | Amathoyisi amasondo |
| Indawo yokuzitholela (itafula lokukhangisa, ukufanisa, ukuhlela amakhadi, imidlalo yemizwa) | Ukwakha |
| Indawo yokucula | Ingadi/isivande |
| Indawo yokubhala | Ukunakekelwa kwezilwane |
| Imidlalo yayamabhuloki | Imidlalo yobuciko |

**2.4.3 Imisebenzi ehleliwe**

Imisebenzi ehleliwe iyimisebenzi emifishane yokufunda nokufundisa, ejwayele ukuholwa uthisha. Ingenziwa umfundi ngamunye, ngamaqoqo noma ikilasi lonke kuncike kulolo hlobo lwesifundo. Ulwazi namakhono lwemisebenzi

ehleliwe inikezwe kusomqulu wohlelo lwezemfundo.

### 2.4.4 Amakhono okuqonda

Ukuthuthukiswa kwamakhono okuqonda kubafundi abasebancane kubaluleke kakhulu ekwakheni isisekelo sokuthuthukisa imfundo ephakeme.

Ukuqonda kusho ukusebenzisa imizwa ukuthola ulwazi ngendawo ekuzungezile nangesimo okuso. Uthisha kumele agxile ekuthuthukiseni lamakhono okuqonda kulezi zifundo ezine, nasoLimini kanjalo neZibalo. Lokhu okulandelayo kubaluleke kakhulu ukuba uthisha akuqaphele:

**Ukubuka ngokuqonda** - ukuthola nokuchaza ulwazi olubonile - amakhono okuqonda okuyiwona asiza ukuba akwazi ukufunda, abhale, abuye abale;

**Ukubuka ngokuhlukanisa** - ukwazi ukubona okufanayo,okungafani nemininingwane ephelele yento oyibukayo;

**Ukubuka ngokukhumbula**- ukwazi ukukhumbula into oyibonile nokulandelisa ngendlela into oyibone ngayo;

**Ukulalela ngokuqonda** - ukuthola nokuchaza ulwazi oluzwile - ukuqonda okuzwile kusiza abafundi ukuthi bakwazi ukunika umqondo kulokho abakuzwile;

**Ukulalela ngokuhlukanisa** - ukwazi ukufanayo imisindo efanayo nengafani;

**Ukukhumbula okuzwile** - Ukwazi ukukhumbula okuzwile futhi ukukhumbule ngokulandelana ngendlela ozwe ngayo imisindo;

**Ukuhambisana kwesandla namehlo** - izandla namehlo kuyasebezisana uma kukhona abakwenzayo isb. Phonsa noma bamba ibhola;

**Isithombe somzimba -** ukwazi umzimba wakho ngokuphelele, njengendlela onyakaza nosebenza ngayo;

**Izinhlangothi zomzimba** - ukukhombisa ukwazi kahle uhlangothi ngalunye lomzimba, isb. isiphi isandla esibambe okuthile;

**Uhlangothi Olunamandla** - ukukhetha ukusebenzisa isandla noma uhlangothi oluthile lomzimba, njengesandla sokudla noma esobunxele obhala ngaso;

**Ukunqamula umugqa ohlukanisa izinhlangothi zomzimba** - ukwazi ukusebenza ngomugqa ohlukanisa izinhlangothi zomzimba kusukela phezulu kuya phansi. isb. ukwazi ukudweba umugqa ukusuka kwesobunxele uya kwesokudla ngaphandle kokushintsha into oyisebenzisayo ukuya kwesinye isandla;

**Ukugxila entweni ethile ngesikhathi** - ukwazi ukubona ngokukhethekile into eyodwa kweziningi, isb. Ukubona igama elilodwa emagameni amaningi emshweni;

**Ukuqonda ukuma kwento** - ukwazi ukubona ukuma, izimo, izimpawu, izinhlamvu nokunye; ngaphandle kokubuka ukuma kwayo, ubungako nokuthi ikuphi;

**Ubudlelwano nendawo akuyo** - ukwazi ukuqonda indawo emzungezile, noma ubudlelwano phakathi kwento naleyo oyibukayo. isb. isigqoko sisekhanda;

## 2.5 Izinsiza kufunda zAmakhono Empilo

Ezinye izinto kufanele zitholakale ekilasini lamabanga aphansi. Ezinye izinto zitholakala kalula kunezinye. Kufanele abafundi bakwazi ukufinyelela kalula kuzona zikhathi zonke. Bangazisebenzisa ngezikhathi zokudlala okukhululekile, nangemisebenzi ehleliwe, uma sebeqedile ukwenza umsebenzi kathisha noma befuna ukuziphumuza. Iezizizinto zifaka lokhu:

- Amasakana okudlala, ingqathu, amahuphu, ubungako obuhlukene bamabhola, izinto zokuzimelela, amapulangwe/amathaya, izinto zokudlala imidlalo yangaphandle (amathaya, imijikelo, izintambo zokuqwala, izihlahla) amabhodlela indawo eqinile evulekile, izinti, izitsha, izitini, amakhoni namabhaloni. .
- Izinto ezomile: Amakhrayoni, amaphepha, ushoki, ipensela 2B, isihlabathi nokunye okomile.
- Okumanzi: upende, u-inki, udayi, udaka
- Amabhulashi angalingani,
- Amaphepha angalingani nanemibala ehlukene
- Ubumba udaka nenhlama
- Ubuhlalu (obuyingilazi, obuyiphepha obuyipulasitiki), izinti zokuphuza imakharoni, amagobolondo nokunye kokutshutsha),
- Izinto ongabuye uzisebenzise: amabhokisi, imibhobho yamaphepha asendlini yangasese, ukhokho, amaphepha okugoqa, ifoyili, iwuli/insonto, intambo, amatshe, imbewu, amaphephandaba namaphephabhuku amadala.
- Iglu, imidweshu yekhalibhodi esetshenziselwa ukunamathisela, isikelo, isitashi,
- Umshini wokudlala ama - CD, ama - CD, izinsimbi zomculo
- Izingubo ezindala,izitsha zokudla izinto zokuphatha ezingasetshenziswa ngesikhathi sokulingisa.
- Amaphazili nezinye izinto zokudlala ezithengiwe nezenziwe ekhaya.
- Izithombe namashadi nebalazwe
- Izincwadi zolwazi nezindaba (umtapo wolwazi)
- Ingilazi yokukhulisa
- Abantu- amalunga amadala omndeni nezivakashi

Ubuciko bokusungula budinga lokhu:

- Indawo evulekile
- Izinsimbi zomculo abazitholile nabazakhele zona
- Izinto ezilalelwayo nezilalelwa uzibona zezinhlobo ezahlukene zomculo
- Amashadi namaposta

- Izinto ezahlukene ongazisebenzisa uma ulingisa, isb.imidweshu yezindwangu amabhola, izinto ezinobungako nezimo ezingafani, nezingubo ezindala
- Izinto ezikhuthaza ukudweba nokwakha

Izinto zokusebenza ezibekelwe izihloko ezikhethekile zichaziwe engxenyeni yesi- 3

## 2.6 Isikhathi esibekelwe izingxenye zokufundiswa kuMakhono Empilo kumabanga aphansi

Isikhathi esibekelwe Amakhono Empilo singamahora angama - 60 ngethemu emabangeni R-2, kanti isikhathi esingamahora angama-70 sibekelwe iBanga 3. Lokho kusho ukuthi izinsuku ezi-5 ngesonto; ukuQala koLwazi, uBuyena neNhlalakahle kuzofundwa isikhathi esingamahora ama-2 ngesonto, ubuciko bokusungula amahora ama-2, ukuzivocavoca amahora ama-2 emabangeni R-2, nokuQala koLwazi, uBuyena neNhlalakahle kuzofundiswa isikhathi esingamahora ama-3 ngesonto, ubuciko bokusungula amahora-2, ukunyakazisa umzimba amahora ama-2 eBangeni 3.

| AMABANGA R - 2 | | ISIKHATHI ESIBEKELWE ITHEMU | IBANGA 3 | | ISIKHATHI ESIBEKELWE ITHEMU |
|---|---|---|---|---|---|
| UkuQala koLwazi noBuyena neNhlal-akahle | amahora ama - 2 ngesonto | 60 AMAHORA | UkuQala koLwazi noBuyena kanye neNhlalakahle | amahora ama - 3 ngesonto | 70 AMAHORA |
| UBuciko Bokusun-gula | amahora ama - 2 ngesonto | | UBuciko Bokusun-gula | amahora ama - 2 ngesonto | |
| Ukuvocavoca umzimba | amahora ama - 2 ngesonto | | Ukunyakazisa umzimba | amahora ama - 2 ngesonto | |

Lezizingxenye zibalulekile ekuthuthukisweni komfundi ngokuphelele futhi kufanele zifundiswe emabangeni R-3 masontonke.

## 2.7 Izihloko

UkuQala koLwazi kanye noBuyena neNhlalakahle esifundweni sAmakhono Ezempilo, kuhlelwe ngezihloko. Ukusetshenziswa kwezihloko kuyisiphakamiso esenza kuhlangane ulwazi oluvela ezingxenyeni ezahlukene lapho kungenzeka khona. Othisha bayakhuthazwa ukukhetha izihloko zabo uma bebona kufanele.

## 2.8 Isisindo sezihloko

Usomqulu uhlelwe ngamasonto angama-40 ngonyaka. Isikhathi esiyisilinganiso sabelwe isihloko ngasinye ngokwetheemu ngayinye. Imisebenzi eyenzeka njalo nemidlalo ekhululekile yangaphakathi nangaphandle nayo kufanele ifakwe esikhathini sokufundisa. Othisha bangahlela isikhathi ngendlela abafisa ngayo isb. bangakhetha imizuzu engama-30 yokuQala koLwazi noBuyena neNhlalakahle nsukuzonke, ngaphandle kwangoLwesihlanu, bese kuthi ubuciko bokusungula bungaba ngoLwesibili nangoLwesine ihora elilodwa. kuphela.

## 2.9 Ukulandelana nenqubekelaphambili

Iziphakamiso zokulandelana kwezihloko zinikwe njengeminye yemigomo yokufundisa kumabanga aphansi ukuqala ngokwejwayelekile kumfundi bese kwethulwa izihloko ezingajwayelekile namakhono ngokuhamba kwesikhathi. Ngakho ke ukulandelana nokuqhubekela phambili ngolwazi kwakhelwe esisekelweni sezihloko. Ukulandelana kwezihloko kungashintsha, kodwa othisha kufanele baqikelele indlela izihloko ezifundiswa ngayo.

# ISIGABA SESI - 3. OKUFUNDWAYO IBANGA NGALINYE

**IBANGA R**

| **Ithemu 1 Ibanga R** | | |
|---|---|---|
| **UkuQala koLwazi noBuyena neNhlalakahle** | **Amahora angama-20**<br>(amahora ama - 2 ngesonto) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>• Izincwadi ezikhethiwe<br>• Amaflashikhadi /amakhadi avezwayo<br>• Izithombe<br>• Izinto ezisetshenziswa ukugcina inhlanzeko<br>• Itafula lokukhangisa izinto zasehlobo<br>• Izinto ezinezimo nemibala eyahlukene |

**Yenza imisebenzi eyenziwa njalo kanye nemisebenzi yokudlala okukhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kubekiwe kungxenye yoku - 1.**

**Imigubho nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe ngesikhathi eyenzeka ngaso ethemini (amahora ama - 2 ngethemu)**

**Isihloko: Mina - 2 amahora**

- Iminingwane yami- igama, iminyaka, ikheli/idilesi nocingo lwasekhaya
- Yini engenza ngibesemqoka- faka igama, izilimi, ubulili
- Amakhono nabakukhonzile

Qaphela: Abanye abafundi bangawazi amakheli nezinombolo zocingo. Phinda ukufundise.

**Isihloko: Esikoleni - 2 amahora**

- Igama lesikole, likathisha nothishanhloko
- Izindlu zangasese nezindawo zokudlala
- Imithetho nezinto abazenza njalo

**Isihloko: Endlini yokufundela /ekilasini - 2 amahora**

- Lapho ngibeka khona izinto zami ekilasini
- Imithetho yekilasi
- ukusebenzisana
- Ngingayiveza kanjani imizwa yami
- Ngingayitshengisa kanjani imizwa yami

**Isihloko: Izincwadi - 2 amahora**

- Kungani sidinga izincwadi
- Ukunakekela izincwadi
- Ukusebenzisa izincwadi ukuthola ulwazi
- Izindaba engizithandayo
- Lapho ngingazithola khona izincwadi

**Isihloko: Izinsuku zesonto/ sonto - 2 amahora**

- Izinsuku zesonto/zesonto
- Senzani ngezinsuku ezahlukene
- Namuhla, izolo kusasa

**Isihloko: Umzimba wami - 2 amahora**

- Khomba bese usho amagama amalunga omzimba - ubuye usho ukuthi mangaki.
- Imisebenzi yamalunga omzimba

- Ubani okumele akuthinte noma okungamele akuthinte
- Yini edingwa umzimba ukuze uhlale uphilile

**Isihloko: Ukuhlala uphilile - 2 amahora**

Izindlela ezinhle zokuzigcina uhlanzekile

- Geza nsukuzonke
- Xubha amazinyo, izinwele nezinzipho
- Geza izithelo ngaphambi kokuzidla
- Imikhuba emihle yokuya endlini yangasese
- Ukulala
- Ukuzivocavoca

**Isihloko: Ihlobo - 2 amahora**

- Isimo sezulu ehlobo
- Imvelo ibanjani ehlobo
- Izilwane zibanjani ehlobo
- Abantu babanjani ehlobo - isib. abakudlayo,abakugqokayo, abakwenzayo, imidlalo esiyidlalayo

**Isihloko: Izimo nemibala esizungezile - 2 amahora**

- Buka usho izimo ezihlukene
- Izimo ezenza izinto ezingafani
- Buka bese usho imibala ehlukene
- Ukushuba kwemibala isib. ogqame kakhulu, olula

**Isihloko: Imigubho nezinsuku zekhethelo - 2 amahora**

| Ithemu 2 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **UkuQala koLwazi noBuyena neNhlalakahle** | **amahora angama - 20**<br>(2 amahora/ ngesonto) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>• Izibonelo zezinto esizisebenzisa ekhaya<br>• Izithombe zemigubho yomndeni<br>• Izithombe ezikhombisa izimo ezihlukene zezulu<br>• Itafula lokukhangisa ekwindla<br>• Izinto ezahlukene ezenza umsindo - kufaka izinsimbi zomculo<br>• Izinto ezahlukene ezingambithwa, ukuthinta nokuhogela. |

**Yenza imisebenzi eyenziwa njalo kanye nemisebenzi yokudlala okukhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kubekiwe esigabeni sesi- 2.**

**Imigubho nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe ngesikhathi eyenzeka ngaso ethemini (amahora ama - 2 ngethemu)**

**Isihloko: Ikhaya - 2 amahora**

- Ubani ohlala ekhaya
- Yini engiyenza ekhaya
- Ubani osebenzayo ekhaya
- Imisebenzi eyahlukene esiyenza ekhaya

**Isihloko: Ukuphepha - 2 amahora**

- Ngingaphepha kanjani ekhaya
- Izindawo eziphephile esingadlala kuzo
- Izindawo ezingaphephile zokudlala
- Ukuphepha emgwaqeni

**Isihloko: Umndeni wami - 2 amahora**

- Ubani oyilunga lomndeni wami
- Imisebenzi esiyenza njengomndeni
- Imigubho esiyenza njengomndeni Isb. umshado, izinsuku zokuzalwa njll.

Qaphela: Abafundi baphuma emndenini engafani qinisekisa ukuthi ukhuluma ngazozonke izinhlobo zemindeni.

**Isihloko: Isimo sezulu - 2 amahora**

- Sibukeka kanjani isibhakabhaka - faka imibala namafu
- Izinsuku ezishisayo, ezibandayo, ezifudumele, ezinemvula, ezinomoya, ufake nezingubo ezigqokwayo ngalezizinsuku

Qaphela Ungavumeli abafundi babuke ilanga

**Isihloko: Ikwindla - 2 amahora**

- Imvelo ibanjani ekwindla
- Imvelo ibanjani ekwindla
- Izilwane zibanjani ekwindla
- Abantu babanjani ekwindla isib.ngabakudlayo, abakugqokayo, abakwenzayo, nemidlalo abayidlalayo.

**Isihloko: Imisindo - 2 amahora**

- Imisindo esiyizwayo.
- Yini eyenza imisindo esiwuzwayo
- Umculo esiwuthandayo
- Ukuzwa kusigcina kanjani siphephile
- Ukunakekela izindlebe zami.

Qaphela: yenza isifundo sibhekelele nabafundi abanenkinga yokuzwa ekufundeni kwabo.

**Isihloko: Imisindo - 2 amahora**

- Imisindo esiyizwayo.
- Yini eyenza imisindo esiwuzwayo
- Umculo esiwuthandayo
- Ukuzwa kusigcina kanjani siphephile
- Ukunakekela izindlebe zami.

Qaphela: yenza isifundo sibhekelele abafundi abanenkinga yokuzwa ohlelweni lokufunda.

**Isihloko: Ukubona - 2 amahora**

- Izinto ezingizungezile
- Ukukhanya,ubumnyama nezithunzi
- Ukubona kusigcina kanjani siphephile
- Ukunakekela amehlo

Qaphela: yenza isifundo sibhekelele abafundi abanenkinga zokubona

**Isihloko: Ukuthinta** - **2 amahora**

- Izinto ezehlukene zizwakala zehlukile lapho uzithinta
- Yethula amagama amasha; kulukhuni, kuthambile, kuyashelela, kumahhadlahhadla, kuyabanda, kuyashisa, kufudumele kupholile.
- Ukuzwa amazinga okushisa ahlukene nobunjalo bento

**Isihloko: Ukunambitha nokuhogela - 2 amahora**

- Ukunambitha nokuhogela engikuthandayo
- Ukunambitheka okusha kimi
- Ukunambitha ngokuphepha
- Amaphunga ahlukene asizungezile
- Liphumaphi iphunga

**Imigubho nezinsuku zekhethelo - 2 amahora**

<table>
<tr><th colspan="3">Ithemu 3 Yebanga R</th></tr>
<tr><td>UkuQala koLwazi noBuyena neNhlalakahle</td><td>amahora angama - 20<br>(amahora ama - 2 ngesonto)</td><td>Izinsiza ezinconyiwe<br>Ukwengeza izinsiza okufanele zisetshenziswe esifundweni sAmakhono Empilo udinga lokhu:<br>• Itafula lokukhangisa ngobusika<br>• Izithombe ezitshengisa izithuthi zakudala<br>• Izithombe zabantu benza imisebenzi eyahlukene<br>• Isivakashi esimenyiwe ukuzokhuluma ngomsebenzi onesasasa<br>• Indawo yokudlala ngamanzi nezikali nezitsha zokuthela<br>• Izinto ezintantayo nezizikayo<br>• Izithelo nemifino ezikhethiwe<br>• Izitsha ezahlukene ezisetshenziselwa umkhiqizo wobisi<br>• Isigaxa sewuli/insonto nomkhiqizo wayo<br>• Izibonelo zezinto ezingabuye zisetshenziswe</td></tr>
<tr><td colspan="3">Yenza imisebenzi eyenziwa njalo kanye nemisebenzi yokudlala okukhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kubekiwe esigabeni sesi - 2.<br>Imigubho nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe ngesikhathi eyenzeka ngaso ethemini (amahora ama - 2 ngethemu)<br>Isihloko: Ubusika - 2 amahora<br>• Isimo sezulu ebusika<br>• Imvelo ibanjani ebusika<br>• Izilwane zibanjani ebusika<br>• Abantu babanjani ebusika isib. abakudlayo, abakugqokayo, abakwenzayo, imidlalo abayidlalayo<br>Isihloko: Izithuthi - 2 amahora<br>• Ukuya esikoleni<br>• Izinhlobo ezihlukene zezithuthi<br>• Izithuthi zakudala<br>Isihloko: Imisebenzi eyenziwa ngabantu -2 amahora<br>Imisebenzi enobudlelwano nalokhu:<br>• Isithuthi isib. isitimela, iloli abashayeli bamatekisi, amaphoyisa omgwaqo, abashayeli bezindiza nethimba lonke<br>• Ezempilo isib.udokotela, udokotela wamazinyo, umshayeli we-ambulensi<br>• Ukudla isib. umgcini sitolo, uweta, umbhaki, umlimi<br>• Izinhlobo zemisebenzi isib. umakhi, osebenza ngamapayipi, osebenza ngogesi umapendane njll.<br>Qaphela: Khumbuza abafundi ukuthi lemisebenzi ingenziwa abesifazane noma abesilisa uma beyithanda.<br>Isihloko: Amanzi - 2 amahora<br>• Izinto ezintantayo nezizikayo<br>• Izinto eziphila emanzini<br>• Ukuhlanganisa izinto ezihlukene emanzini ukushintsha ukubukeka kwamanzi<br>• Ukuthela nokukala amanzi<br>• Ukonga amanzi</td></tr>
</table>

**Isihloko: Izithelo - 2 amahora**

- Izinhlobo ezehlukene zezithelo
- Ukunambitheka nokwakheka kwezithelo
- Zitholakalaphi izithelo
- Imibala nezimo zezithelo

**Isihloko: Imifino - 2 amahora**

- Izinhlobo ezehlukene zemifino
- Ukunambitheka nokwakheka kwemifino
- Itholakalaphi imifino
- Imibala nezimo zemifino

**Isihloko: Umkhiqizo wobisi - 2 amahora**

- Umkhiqizo wobisi nezilwane ezilukhiqizayo
- Siluthola kanjani ibhotela

**Isihloko: Umkhiqizo wewuli - 2 amahora**

- Ipulazi lezimvu
- Itholakalaphi iwuli
- Ukusetshenziswa kwewuli/insonto

**Isihloko: Indawo enempilo - 2 amahora**

- Ubumqoka bokuhlala endaweni ehlanzekile
- Izindlela abantu abangcolisa ngayo indawo
- Ubumqoka bokusebenzisa izinto ngokuphindelela

**Imigubho nezinsuku zekhethelo - 2 amahora**

| Ithemu 4 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **UkuQala koLwazi noBuyena neNhlalakahle** | **amahora angama - 20**<br>(amahora ama - 2 ngesonto) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ukwengeza izinsiza kumakhono empilo ungadinga lokhu:<br>• Itafula lezinto ozithandayo entwasahlobo<br>• Umtapo wolwazi<br>• Izithombe |

**Yenza imisebenzi eyenziwa njalo kanye nemisebenzi yokudlala okukhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kubekiwe esigabeni sesi - 2.**

**Imigubho nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe ngesikhathi eyenzeka ngaso ethemini (amahora ama - 2 ngethemu)**

**Isihloko: Intwasahlobo - 2 amahora**

- Isimo sezulu entwasahlobo
- Imvelo injani entwasahlobo
- Izilwane zinjani entwasahlobo
- Abantu babanjani entwasahlobo - isb isib. abakudlayo, abakukugqokayo abakwenzayo nemidlalo abayidlalayo

**Isihloko: Izinyoni - 2 amahora**

- Izinhlobo ezahlukene zezinyoni
- Izimpawu ezijwayelekile zezinyoni - izimpaphe, imilenze emibili, umlomo,. ukuzalela amaqanda,
- Izinyoni ezingandizi - intshe, ihlengethwa
- Izidleke

**Isihloko: Izilwane ezihuquzelayo - 2 amahora**

- Izinhlobo zezilwane ezihuquzelayo - isb. ingwenya, inyoka, isibankwa..
- Izimpawu zezilwane ezihuquzelayo - igazi elibandayo,umzimba omazengezenge, ukuzalela amaqanda
- Thola kabanzi ngesilwane esisodwa esihuquzelayo

**Isihloko: AmaDayinaso - 2 amahora**

- Izinhlobo zamaDayinaso
- Aphila kanjani
- Sazi kanjani ngawo namuhla

Qaphela: Sebenzisa izincwadi ezinezithombe

**Isihloko: Izilwane zasendle - 2 amahora**

- Siyini isilwane sasendle
- Izinhlobo zezilwane zasendle
- Sizitholaphi izilwane zasendle
- Ziphila kanjani izilwane zasendle

**Isihloko: Ukwazi kabanzi ngesisodwa isilwane sasendle- 2 amahora**

- Khetha esisodwa isilwane sasendle ufunde ngaso
- Sibukeka kanjani
- Sihlaphi
- Sidlani
- Abantwana nalapho bezalwa khona
- Ezinye izinto ezikuhlaba umxhwele ngaso

**Isihloko: Ezemidlalo- 2 amahora**

- Imidlalo engiyithandayo
- Kungani imidlalo inemithetho
- Kungani ukudlala kusemqoka kimi

**Imigubho nezinsuku zekhethelo**

**Hlanganisa izihloko kanye nokuhlola - 4 amahora**

| Ithemu yoku - 1 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kusebenza ezinconyiwe**<br>Bheka izinsiza ezijwayelekile zesifundo sAmakhono ezinikezwe engxenyeni 2 |

Okulandelayo okuqukethwe kumele kwenziwe ngethemu yoku - 1. Khetha izihloko ezilungele isifundo sAmakhono Empilo ithemu ngayinye ukunikeza abafundi isimo esejwayelekile ezifundweni zobuciko bokusungula kanye nobuciko bezinto ezibonakalayo. .

*Ubuciko bokwenza - 10 amahora*

**Imidlalo namakhono okuzenzela**

- Ukusebenzisa izindlela zansukuzonke ukuzilungiselela, njengoku: vuka nokugqoka, - ukuzelula, ukugoqana, ukunyakazisa izicubu, ukutshikiza, ukunqamula umugqa ohlukanisa izingxenye zomzimba .
- Ukuthuthukisa ulwazi lwendawo akuyo: imidlalo yokuma unganyakazi, ukuzitholela indawo ukuze ungashayisi abanye.
- Ukulandela isigqi somculo, njengokushaya izandla, ukugxoba ngonyawo, ukwenza imisindo usebenzisa izigqi ezahlukene, ukushesha nokunensa.
- Ukuthola umculo, ukunyakaza nephimbo ugxile ekwenzeni ngokushesha noma ngokunensa.
- Ukucula amaculo anyakazisayo usebenzisa izingxenye ezahlukene zomzimba uhumusha iculo.
- Ukusetshenziswa kwephimbo ngokukhululeka lapho usho umlolozelo noma indaba ezokwenza unyakaze.
- Ukupholisa umzimba nokuphumula (isb. njengokwenza sengathi kuncibilika u-ayisikhilimu)

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Ukwakha izindaba ezincike emicabangweni noma olwazini lwempilo besebenzisa iphimbo (ngokucula / nokukhuluma), iminyakazo, umculo, izinto namaqhinga okulingisa.
- Baveza imizwa nemibono besebenzisa iminyakazo nomculo (isb. Nampaya omame bethwele imithwalo, lalelani nonke nansi inkanyezi enomsila)
- Ukuthola imizwa ngokulingisa indaba, imilolozelo, nomculo, (isb. 'Ukuhola ongaboni' ukuzwa ubunjalo bezinto ezehlukene)

Ubuciko bokubonakalayo - 10 amahora

**Ukwenza okunhlangothimbili 2D**

- Dweba unike incazelo yakho ngomdwebo owakhe ngesihloko sesonto usebenzisa amakhrayoni, nezinye izinto ezisetshenziselwa ukudweba
- Ukupenda: usebenzise upende osuxutshiwe noma oyinki abanemibala noma odayi abangaxutshiwe nabaxutshiwe ukuhlangabezana nesihloko sesonto.
- Izinto zobuciko: ukusebenzisa ulwazi olungahleliwe nokusebenzisa izimo emidwebeni nasekupendeni.
- Imigomo yokwakha uhlaka: ukusebenzisa ukuqhathanisa ngokungahleliwe (okukhulu / okuncane, okude / okufushane) ekudwebeni nasekupendeni
- Ukusebenza ngokuhlukahluka kwezilinganiso zamaphepha: kukhuthaza ukusebenzisa izilinganiso ezahlukene.

**Ukwenza okunhlangothintathu (3D)**

- Izicubu ezincane nokuxhumana kwezinzwa: (iso-isandla-ingqondo) ukusetshenziswa kwezikele namanye amathuluzi.

**Ukufunda ngokubuka** (kufanele kwenziwe ngethemu yonke)

- Ukusho izimo emsebenzini awenzile.

| Ithemu 2 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kusebenza ezinconyiwe**<br>Bheka izinsiza ezijwayelekile zesifundo sAmakhono Empilo ezinikezwe engxenyeni 2 |

Okulandelayo okuqukethwe kumele kwenziwe ngethemu yesi- 2. Khetha izihloko ezilungele isifundo sAmakhono Empilo ithemu ngayinye ukunikeza abafundi isimo esejwayelekile ezifundweni zobuciko bokusungula kanye nobuciko bezinto ezibonakalayo.

**Ubuciko bokwen - 10 amahora**

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Ukusebenzisa izindlela zansukuzonke ukuzilungiselela, njengoku: 'kuhlanza izicathulo' "ukulungisa umbhede"
- Ukusebenzisa umzimba ukukhombisa indawo njengokukhulu, okuncane, okuphakeme, okude, okuseduze, okufushane.
- Umculo, iphimbo nokunyakaza: kugxilwa ekushintsheni kwephimbo njengeliphezulu neliphansi, elinamandla elipholile.
- Amaculo esintu, imidlalo enesigqi nemilolozelo kusetshenziswa ukushintsha kwephimbo (eliphezulu, epholile, elinamandla) ngokushaya izandla nezinyawo.
- Ukunyakazisa izicubu ngokugxuma, ukweqa, nokukheleza, ngesikhathi bededelana indawo ngaphandle kokushayisana.
- Amakhono okulalela: ukulandela izimpawu, imiyalelo, izindaba imilolozelo namaculo njengokuthi 'Ima!' 'Phezulu!' 'Phansi!'

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Ukuhumusha amaculo esintu namanye amaculo aveza izimo ezahlukene njengokupholile, okumemezayo njll.
- Ukulingisa ngokwenza isimo esikholekayo, kusukela emicabangweni naselwazini lwempilo yabo.
- Ukusungula nokulingisa imisindo ethile endabeni, njengezinyosi 'zzz…' 'amahhashi' 'gqibishi..gqibishi' 'isitimela' 'khushu-khushu'
- Izinkomba, amazinga (aphezulu, aphakathi naphansi) nezimo abazenzilengokwenza iminyakazo endabeni.
- Ukulingisa,esebenzisa indaba yesintu, izinkondlo, imilolozelo namaculo okukhuthaza.
- Ukusebenzisa izinto uma benyakaza,imidlalo yokulingisa nomculo**.**

**Ubuciko bokubonakalayo -10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili (2D)**

- Ukusetshenziswa kwezinto zobuciko, izimo nemibala nomubala uma kudwetshwa noma kupendwa kulandelwa isihloko sesonto.
- Usebenzisa ubungako ukuthola ulwazi oluthe xaxa ngaleyonto
- Ukuhumusha izitho zomzimba ngomdwebo nokupenda.
- Amaqhinga emihlobiso besebenzisa izinto abazitholile njengezivalo zamabhodlela, amatshe, amaqabunga, izandla

**Ukwenza okunhlangothintathu 3D (ukwakha nokubumba)**

- Amakhono namaqhinga omsebenzi wezandla: ukusika ukunamathisela,nokudabula;
- Ukusebenzisa ubumba ngokukhululeka: ukwakha izimo, ukuluka, nokugingqa.

**Ukufunda ngokubuka**

- Ukubuka nokukhuluma ngezithombe ezisezincwadini: usho izimo nemibala encwadini enezithombe, ukuthola umehluko okukhulu/okuncane, okude/ okufushane ezithombeni ezisencwadini.

| Ithemu 3 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kusebenza ezinconyiwe**<br>Bheka izinsiza ezijwayelekile zesifundo sAmakhono Empilo ezinikezwe engx-enyeni yesi -2 |

Okulandelayo okuqukethwe kumele kwenziwe ngethemu yesi - 3. Khetha izihloko ezilungele isifundo sAmakhono Empilo ithemu ngayinye ukunikeza abafundi isimo esejwayelekile ezifundweni zobuciko bokusungula kanye nobuciko bezinto ezibonakalayo.

**Ubuciko bokunyakaza - 10 amahora**

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Ukusebenzisa izindlela zansukuzonke ukuzilungiselela, njengoku sebenzisa iminyakazo efakazela indaba ukubakhuthaza.
- Iponi ligabadula lisebenzisa isigqi neminyakazo.
- Umculo, izwi neminyakazo, egxile ekuphakameni kwezwi: liyephezulu naphansi.
- Ukusebenzisa izigubhu ukugcina isigqi ukuthuthukisa amakhono ezibalo nokubala
- Ukushaya umzimba ukwenza umsindo ozwakala njengesigubhu noma beshaya izigubhu ukwakha iphethini lesigqi esilula
- Ukuqonda indawo akuyo besebenzisa iminyakazo benza izimo ezinjengendilinga nemigqa
- Ukusebenzisa izitho zomzimba ukuxoxa indaba nokubukeka kobuso ukutshengisa imizwa njengo’kudumala’,’ukujabula’
- Ukupholisa umzimba nokuphumula (isib. ukuntanta emanzini njengecembe )

**Ukusebenzisa ongakwazi ukukusebenzisa unikeze umqondo**

- Amaculo: kugxilwe ekuphakameni kwephimbo njengokuthi, ‘Benye, Benye… inkanyezana encane.
- Isigqi: indawo yamanothi amade namafishane (isikhathi) besebenzisa umsindo ngokushaya umzimba noma izinsimbi.
- Ukulingisa ngokwenza isimo esikholekayo, noma ngempilo yakhe becula benyakaza
- Izinto eziphathekayo ezimela ezinye emdlalweni wokulingisa njengesipuni esibambela induku yomlingo, isigqoko sibambele isondo lemoto

**Ubuciko bokubonakalayo -10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili (2D)**

- Dweba upende ngokukhululeka usebenzise isihloko okufundwa ngaso kulelisonto
- Hlanganisa upende wakho ngendlela eyiyona
- Ukusebenza komzimba ngendlela engahleliwe: ukugxuma, ukugijima, ukulala nokunye
- Ukusebenza ngezimo, amaphepha namabhulashi anobungako obehlukene ukuze bakwazi ukusebenzisa ulwazi oluthe xaxa.

**Ukwenza okunhlangothintathu 3D (ukwakha nokubumba)**

- Yakha ngokukhululeka usebenzisa uhla lwezinto: amabhokisi amancane, izinto ezibuye zisebenziseke njengezinkinobho, amabhokisi amaqanda, izicucu zamabhokisi nokunye
- Khuthaza ukuthuthuka kwamakhono ngokusebenzisa izinto
- Sebenzisa ubumba lokudlala ukunyusa izinga lokusebenza kwezicubu ezincane; ukugingqa, ukuncinza, nokuxhuma

**Ukufunda ngokubuka**

- Buka bese uxoxa ngezimo zezakhiwo nemibala yazo etholakala emfanekisweni esezithombeni
- Phendula imibuzo ukukhombisa ukuqondisisa imibala nezimo zezakhiwo.

| Ithemu 4 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kusebenza ezinconyiwe**<br>Bheka izinsiza ezijwayelekile zesifundo sAmakhono ezinikezwe engxenyeni 4 |

Okulandelayo okuqukethwe kumele kwenziwe ngethemu yesi-4. Khetha izihloko ezilungele isifundo sAmakhono Empilo ithemu ngayinye ukunikeza abafundi isimo esejwayelekile ezifundweni zobuciko bokusungula kanye nobuciko bezinto ezibonakalayo.

*Ubuciko bokwenza - 10 amahora*

**Imidlalo namakhono okwakhayo**

- Ukufudumeza umzimba usebenzisa amazinga (aphezulu, aphakathi naphansi) njengokugaqa, ukushibilika nokunye njll.
- Akha izimo zezakhiwo usebenzise umzimba, ugxile endilingeni nezikwele
- Zimelela ngomlenze owodwa njengokuhamba entanjeni eboshwe yaqina njll.

Pholisa umzimba uphumule: njengamagatsha epheshulwa umoya njll.

**Ukusebenzisa ongakwazi ukukusebenzisa unikeze umqondo**

- Yenza iminyakazo buthule ulingise ukudla istikiswidi, ukubhaka amakhekhe, ukutshala nokunisela njll
- Lalela indaba, bese uhumusha izigameko endabeni ngokusebenzisa ukushintsha ubuso, nokunyakaza okuhambisana nemisindo efanele
- Ukuthola ulwazi ngendawo okuyo ngokunyakaza ulandela imisimdo efana nokuhamba kwendiza, isitimela, ibhasi, itekisi, ibhayisikili njll.

**Ubuciko bokubonakalayo - 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili 2D**

- Dweba bese upenda usebenzise isihloko sesonto
- Ukusebenzisa amaphethini adwetshiwe emhlabeni; ulwazi lwamaphethini lapho ephila khona.
- Ukusebenzisa imibala ukwakha amaphethini
- Amasu alula okwenza amaphethini angahlelekile.

**Ukwenza okunhlangothintathu 3D (ukwakha nokubumba)**

- Thuthukisa amakhono omsebenzi wezandla ukulekelela izicubu zomzimba ezincane ngokubopha, ukusonga nokunye
- Sebenzisa ulwazi oluthe xaxa ukubumba usebenzisa ubumba lokudlala: ncinza, donsa, gingqa izinto ezincane.
- Ukubumba okungahlelekile usebenzisa ubumba

**Ukufunda ngokubuka**

- Ukusho imibala nezimo ngendlela efanele (ogqamile nolula, izimo ezisazibalo mdwebo ezilula) nokungafani ngokuphendula imibuzo ephikisanayo.

| Ithemu 1 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umziba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ezinye zezinsiza ezingasetshenziswa esifundweni sAmakhono Empilo yilezi: Izingojwana ezehlukene, amapulangwe, amathayi, amabhola, amasakana okudlala amathoyizi anamasondo, abazowasebenzisa ngesikhathi sokudlala bekhululekile. Okokudweba okokujikela, izinto ezeqiwayo ; umculo |

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

**Hamba ubuye ugijime ngezindlela ezahlukene ngaphandle kokushayisana nabanye**

- Gijima usebenzisa izinyawo nezandla
- Gijima uzungeze izindawo ezimbili ezikhonjisiwe.
- Gijima uthinte izindawo ezimbili ezibonisiwe.
- Ukungasebenzisi izicubu kodwa usebenzisa imizwa: Izicubu ezinganyakazi, ukusebenzisa imizwa, abafundi bacaca ngezintambo, benza imizimba yabo ibe mide, mifushane nephakathi."

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Ukusebenzisa izinzwa; buka imidlalo yemigoqo elula ababekelwe yona isb. Ukugxuma, ukugijima, ukujikijela, ukungqengqa. Abafundi ababheke lapho bezoya khona.
- Ukusebenzisa izinzwa zokuthinta: ukugijima bese uthinta izinto ezibekiwe enkundleni yokudlala,obondeni ezihlahleni,emji kelweni,ematsheni njll.Abafundi bazijwayeza umuzwa wezindawo ezehlukene
- Ukusebenzisa izinzwa zokuthinta; vala amehlo ngendwangu, abafundi bathola izinto ngokuzithinta njengamasakana okudlala,ibhola njll.

**Isigqi**

- Gxuma ngezinyawo zombili bese ubuye ushintshanise izinyawo
- Ukusebenzisa izinzwa zokuzwa: dlala umacashelana nomunye,shaya insimbi ukuze abanye balandele umsindo
- Ukusebenzisa izinzwa zokuzwa; dlala ngezinto ezenza umsindo njengezivalo zamabhodlela ezifakwe ethinini, ezizokwenza umsindo noma uzibophele emilenzeni. Abafundi bayagxuma benyakaza belandela isigqi esithile. .

**Ukuxhumana**

- Phonsa unqake amasakana okudlala Ijangijimu - bambelela ngezingalo ulenga ogodweni
- Ijangijimu, caca ugibela izitebhisi uya phezulu

**Ukuzimelela**

- Umdlalo kamaxoshana wekati negundane.
- Thola izindlela ezehlukene zokunyakaza usemgqonyeni wokuzimelela
- Ijangijimu- uhamba ezimelela esebenzisa into yokuzimelela ephansi.
- Zimelela ngonyawo olulodwa emidlalweni ehlukene.

**Ukuqonda indawo akuyo**

- Gijima uye ezindaweni ezehlukene ngaphandle kokushayisana nabanye usebenzise indawo okuyo.
- Izimo ezehlukene:indilinga, isikwele,okusadayimani
- Eqa ngaphezulu ubuye uphume ngaphansi kwezithiyo, ugaqe, ungqengqe, ugxume njll.
- Ijangijimu, ukugaqa ngamadolo, nokuluka ohlakeni usebenzisa izitho zomzimba ezihlukene

**Ukwazi izingxenye zombili zomzimba**

- Imisebenzi esebenzisa uhlangothi lomzimba elingenawo amandla, njengokujikela kwesokudla / kwesobunxele; usebenzisa isandla isandla sokudla noma esobunxele, njll.
- Lala phansi.........ugingqike .ngohlangothi lwesokunxele nesokudla

**Ezemidlalo**

- Ukudlala umacashelana
- Imisebenzi enhlobonhlobo yezinzwa kudlalwa emanzini ngezinto ezehlukene zoplastiki.

| Ithemu 2 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ezinye zezinsiza ongazisebenzisa esi-fundweni sAmakhono Empilo yilezi;<br>ezinye izinsiza ezisetshenziswayo kwisifundo sAmakhono Empilo yilezi: izinto eziyizithiyo; umculo, amasakana okudlala, amabhola.<br>ingqathu, ijangijimu, izintambo njll. |

Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo / ukuma

- Amalunga omzimba: ukucula amaculo nemilolozelo ngenkathi befunda amalunga omzimba njengekhanda, amahlombe, intamo, isifuba, amadolo, imilenze, izinzwane, ikhala, umlomo njll.
- Ukugijima uya emuva naphambili
- Ukugijima ngesivinini esiphezulu nesiphansi.

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Izithiyo ezilula isb. ukugxuma, ukugijima, ukugaqa ngamadolo, ukuhamba ngesisu,ukungqengqa njll.
- Ukugingqa ibhola liye komunye abuye alibuyise.
- Bafuqa ibhaluni.

**Isigqi**

- Basebenzisa umculo noma beshaya imizimba yabo bekhombisa amalunga omzimba, benyakaza belandela isigqi esithile ngokwemiyalelo kathisha isb. Thinta izinzwane, thinta ikhanda, thina ikhala njll.

**Ukuxhumana**

- Phonsa unqake amasakana okudlala
- ijangijimu-lenga, ujikela ubambelele ogodweni lejangijimu
- Ijangijimu - caca uye phezulu wehle ngezitebhisi.

**Ukuzimelela**

- Amalunga omzimba: uthisha usebenzisa amasakana okudlala awabeke ezindaweni ezehlukene bese abafundi belingisa uthisha nabo benze isb.ngesikhathi bezulazula babeka amasakana okudlala ezindaweni ezehlukene, babuye bawabeke edolweni kwesokudla nakwesokunxele, ngesikhathi ezimelela ngolunye unyawo, kanjalo futhi basibeke ehlombe kwesokudla nakwesokunxele ngesikhathi behamba njll.
- ukuzimelela: ukuhamba emgqeni ; bazimelele ngezinye izinto

**Ukuqonda indawo akuyo**

- Ukugijima izindlela ezahlukene beyalelwa uthisha esebenzisa yonke indawo ekhona
- Ulwazi oluhlukene: indilinga iyagingqika iphinde igingqike
- Gxuma ngaphezulu ubuye unyakaze ngaphansi kwezinye izinto bangqengqe, bagaqe bagxuma-gxume njll.
- Ijangijimu, begaqa ngamadolo, baluke uhlaka besebenzisa amalunga athize omzimba.

**Ukwazi esokudla nesokunxele**

- Amalunga omzimba - ukugijima … awe ubuso bubheke phansi, ulale phansi… bazigingqagingqe phansi ngezinhlangothi kwesokudla kwesokunxele.
- Benyakaza ngezinhlangothi zombili, kwesokudla nakwesokunxele

**Ezemidlalo**

- Phonsa amasakana okudlala i/ amabhola entweni.
- Bhampisa, nqaka, phosa ibhola njll.

| Ithemu 3 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokunyakazisa umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza ezinconyiweo**<br>Ezinye zezinsiza ezingasetshenziswa esifundeni sAmakhono Empilo yilezi.<br>Amabhola, okokudweba, imibala, igqathu, amaribhoni.<br>Izinto eziphansi ezifana njengamathayi, amatshe nezintungo. |

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Hamba ubuye ugijime ngezindlela ezehlukene
- Ukuhamba, ukugxuma, ukushibilika, ukugingqika, ukuhuhuluza, ukuviliyela ukugabadula njll.
- Izicubu ezinganyakazi; ukugoba, ukusonteka, ukugoqana komzimba ngezimo ezahlukene.

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Imigoqo yemidlalo elula; isb. Ukugxuma, ukugijima, ukuphosa, ukungqengqa njll.
- Ukudlala ingqathu
- Gxuma ngaphezu kwezithiyo ezibekiwe njenge ntambo ezimfushane.
- Gxuma ibanga ngokukulingene emhlabathini.

**Isigqi**

- Gxuma ngezinyawo zombili noma ushintshanise izinyawo.
- Umdlalo ugxa noma isikhotshi ; unyawo olulodwa-uphinde zombili -uqhubeke nolulodwa- uphinde zombili

**Ukuxhumana**

- Phosa ubuye unqake amasakana okudlala
- ijangijimu - jikela ubambelele ngengalo phezulu
- ijangijimu - jikela, ucace izitebhisi uye phansi phezulu

**Ukuzimelela**

- Ukungqengqa phezu kwento ethe ukuba phansi njengamathayi, izitulo, njll.
- Ukuzimelela: hamba phezu kwentambo, hamba phezu kwamathayi, kwamapulangwe, amatshe njll.
- Thola izindlela ezihlukene zokunyakaza phezu kwento yokuzimelela, ugxume uyoma ngendlela efanele (gobisa amadolo)
- Ijangijimu - zimelela uhamba ezimeni eziphansi cokuzimelela.
- Zimelela ngonyawo olulodwa lokudla noma lwesinxele.

**Ukuqonda indawo akuyo**

- Izinkomba nezindlela: ukuhamba emgqeni oqondile, ojikayo nomazombe
- Isivinini: ukuhamba ngokushesha, ukuviliyela ngokushesha, ukugijima ngokushesha emgqeni oqondile, ojikayo nomazombe
- Gxuma ngaphezulu, unyakaze uphuma ngaphansi kwezithiyo, ugaqe ngamadolo, ucace, ugxume njll.
- Ijangijimu: ukugaqa ngamadolo, baluke uhlaka besebenzisa amalunga omzimba.

**Ukwazi esokudla nesokunxele**

- Ukunyakaza ngezinhlangothi zombili beya kwesokudla kwesokunxele endleleni eqondile, egobile nemazombezombe
- Ukugxuma ngonyawo olulodwa usebenzisa unyawo lohlangothi olungenamandla

**Ezemidlalo**

- Ikati negundane noma inyamazane nomzingeli; impisi nemvu; kuxosha umsila njll.

| Ithemu 4 Ibanga R | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Izithiyo zemidlalo elula, impempe, izinhlobo zamabhola amaphephandaba |

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Ukufundisa ukudlala endaweni enezithiyo: ukukhumbula indlela yokunyakaza, abafundi baqala ngemisebenzi yokuqala bagcine ngemisebenzi yokugcina ngokulandela indlela engaguquki ukuze bakhumbule ukuthi benzenjani ezikhungweni abazinikiwe.
- Hamba ngezindlela ezahlukene nangezivinini ezahlukene, ubuye ume, ulandele imiyalo, noma ushintshe indlela abanyakaza ngayo.
- Izicubu ezinganyakazi; sonteka, goqana, ungagoqani, yeluleka, goba njll.

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Ukuxhumana kwesandla neso; ukuphosa ibhola elikhulu entweni ethile, ukugingqa ibhola elincane liye entweni ethile.
- Nqaka ibhola elikhulu ; phosa ibhola elilingene nelincane ngamabanga ahlukene
- Ngababili, gqoma unqake ibhola elikhulu
- Ukushaya ibhola ngesandla esivulekile, ukushaya ibhaluni, ibhola elikhulu bese uqhubekela nasebholeni lomphebezo.

**Isigqi**

- Ukusebenzisa umculo wokunyakaza; abafundi balingisa umnyakazo kathisha - umnyakazo uxube ukuviliyela, ukugabadula, ukugxuma, nokugxuma ngonyawo olulodwa ubuye ujikeleze nokuzimelela.

**ukuxhumana**

- Ukuxhumana kwesandla neso, gqoma ibhola elikhulu elilingene nelincane.
- Phonsa unqake isakana lokudlala ngezandla zombili, noma usebenzise isandla sokudla nesokunxele.
- Phonsa isakana lokudlala endaweni egobile eyindilinga ewubude obungama-mitha amabili kuphela.
- Phebeza; sebenzisa induku yekhilikithi yeplastiki noma goqa iphepha wakhe induku yokuphebeza bese uphebeza ibhola usuka ku-'T' uqhubeke uphonse uphinde uphebeze ngamabhola athambile.(ibhola lethenisi),
- Ukuxhumana kwesandla nonyawo, bingelela ngokushayisana ngezinyawo babamba ibhola ngonyawo belisa kwesokudla nakwesobunxele, khahlela ibhola ulise endaweni ebekiwe.

**Ukuzimelela**

- Ukuhamba phezu kwentambo ebekwe phansi; amathayi, ukuzimelela ngezinyawo zombili.
- Imidlalo; abafundi bahamba ngamathini aboshwe ngentambo bawafaka ezinyaweni, bamba intambo uzimelele ethinini

**Ukuqonda indawo akuyo**

- Imidlalo kashimula isb.gaqa ngamadolo nilandelana omunye ebambe unyawo lomunye nihamba emhubheni; bama umugqa bevule imilenze osekuqaleni agaqe ngamadolo phakathi nemilenze, bangena ethayini noma umgqomo uiginqika njll.

**Ukwazi esokudla nesokunxele**

- Imisebenzi usebenzisa uhlangothi olungenamandla.
- Imisebenzi yokuginqika, lala phansi bese uginqika uye kwesokudla nesokunxele.

**Ezemidlalo**

- Landela imiyalo, hamba, gijima, gxuma, caca, gaqa njll.
- Hambani endilingeni nibambene izandla; yenza izindilinga ezimbalwa ngezilinganiso ezehlukene; bese ushintsha izindlela uma sezinyakaza,
- Umdlalo womphebezo; bashaya ibhola ngezandla, baphebeza ibhaluni njll.

**IBANGA LOKU-1**

| Ithemu 1 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **UkuQala koLwazi noBuyena neNhlal-akahle** | **amahora angama - 20**<br>(amahora ama -2 /ngesonto) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ezinye zezinsiza ezingasetsh-enziswa esifundweni sAmakhono Empilo yilezi;<br>Ishadi lesimo sezulu |

**Yenza imisebenzi eyenzeka njalo nemidlaloekhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kuhlelwe esigabeni sesi-2**

**Nsukuzonke sebenzisa ikhalenda yekilasi ukuchaza usuku nenyanga kuze kuphele unyaka.**

**Ukubukeza, ukuhlola nemiphumela kumele kwenzeke njalo njalo.(isikhathi esinikeziwe siyakuvumela nalokhu)**

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe njengoba zenzeka ngethemu leyo. (amahora ama -2abekelwe lokhu).**

**Isihloko: Mina - 6 amahora**

- Iminininingwane yami - njengegama, ikheli, izinomolo zocingo kanye neminyaka.
- Mina ngibalulekile futhi ngihlukile
- Izinto engingazenza
- Ngifana kanjani nomngane wami
- Ngihluke kanjani kumngani wami

**Isihloko: Esikoleni - 4 amahora**

- Igama lesikole, uthisha nomphathisikole
- Ngizitholaphi ezinye izindawo esikoleni - njengendlu yangasese, ihhovisi, indawo yokudlala njll.
- Imithetho nokwenzeka njaloekilasini.
- Ngifika kanjani esikoleni.

Qaphela: abafundi bayazikhethela ukudlala abalingiswa abehlukene, kodwa uthisha kumele aqikelele ukuthi bonke bathola amathuba okwenza okuthile kuze kuphele ithemu.

**Isihloko: imikhuba yempilo - 4 amahora**

- Ukulala
- Ukudla ukudla okunempilo
- Indlela eyiyo yokusebenzisa indlu yangasese
- Ukuhlanza izandla
- Ukuhlala uhlanzekile
- Izinwele, amazinyo nezinzipho
- Ukugeza nsukuzonke
- Ukuzivocavoca ngokuvamile nokudlala
- Ungahlali kumabonakude isikhathi eside.

**Isihloko: Isimo sezulu** - **4 amahora**

- Ishadi lesimo sezulu sansuku zonke
- Buka isimo sezulu nsukuzonke
- Kuyashisa, kuyabanda, linamafu, libalele, liguqubele liyana
- Izimpawu zokuchaza ishadi lesimo sezulu
- Thina nesimo sezulu -izingubo,ukudla,imisebenzi

Qaphela: Ishadi lesimo sezulu kufanele lihambisane nesimo sezulu sosuku kuze kuphele unyaka.

Chazela abafundi ukuthi kungani kufanele bangalibuki ngqo ilanga.

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo 2 amahora**

<table>
<tr><th colspan="3">Ithemu 2 Ibanga 1</th></tr>
<tr><td>UkuQala koLwazi noBuyena neNhlal-akahle</td><td>amahora angama - 20<br>(amahora ama -2/ngesonto)</td><td>Izinsiza ezinconyiwe<br>Ezinye zezinsiza ezingasetsh-enziswa kusifundo sAmakhono Empilo yilezi:<br>• Izithombe zemindeni ehlukene<br>• Izibonelo zezingozi/izimpawu zoshevu.<br>• Izibonelo zokukhuthaza izinzwa; ubunjalo,ukunambitha, ukuzwa, ukuhogela,<br>• Ishadi elitshengisa amalunga omzimba</td></tr>
<tr><td colspan="3">Yenza imisebenzi eyenzeka njalo nemidlaloekhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kuhlelwe esigabeni sesi-2<br>Nsukuzonke sebenzisa ikhalenda yekilasi ukuchaza usuku nenyanga kuze kuphele unyaka.<br>Ukubukeza, ukuhlola nemiphumela kumele kwenzeke njalo njalo.(isikhathi esinikeziwe siyakuvumela nalokhu)<br>Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe njengoba zenzeka ngethemu leyo. (amahora ama - 2abekelwe lokhu).<br>Isihloko: Umndeni - 4 amahora<br>• Yini umndeni<br>• Amalunga omndeni - umndeni nezihlobo<br>• Ukunakekelana ekhaya<br>Qaphela: Ungabandlululi, ngokuba abafundi baphuma emindenini eminingi ehlukene<br>Isihloko: Ukuphepha ekhaya - 4 amahora<br>• Izingozi ekhaya<br>• Uma upheka<br>• Uma uwasha<br>• Ukukhanyisa nogesi<br>• Ngaphandle kwasekhaya<br>• Imithi<br>• Uketshezi oluyingozi - izinhlobo nokubona izimpawu zokuqwashiswa<br>• Ukuhlala uphephile uma uwedwa<br>• Ikhadi lenombolo ephuthumayo<br>Isihloko: Umzimba wami - 6 amahora<br>• Izinhlobo zamalunga omzimba<br>• Izinhlobo zamalunga omzimba anyakazayo<br>• Amalunga omzimba engingawaboni - ubale inhliziyo, amaphaphu, isisu, ingqondo amathambo.<br>• Izinzwa ezinhlanu nemisebenzi yazo. - thinta, hogela, lalela,bona nambitha<br>Isihloko: ukugcina umzimba uphephile - 4 amahora<br>• Izimo nezindawo eziphephile nezingaphephile -njengokulindela isithuthi, uhamba wedwa ezitolo njll.<br>• ‘Yebo’ no ‘Cha’ emizweni<br>• Ukuzijwayeza ukuthi ‘Cha’<br>• Ukuvikela imizimba yethu ezifweni<br>• Ukuvala umlomo namakhala uma uthimula noma ukhwehlela.<br>• Ungamthinti omunye umuntu ngegazi.<br>• Ukugeza izithelo nemifino ngaphambi kokuzidla.<br>• Ukuphuza amanzi ahlanzekile<br>Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo 2 amahora</td></tr>
</table>

| Ithemu 3 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **UkuQala koLwazi noBuyena neNhlalakahle** | **amahora angama - 20**<br>(2 amahora/ngesonto) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ezinye zezinsiza ezingasetshenziswa kusifundo sAmakhono Empilo yilezi;<br>• Izithombe,izindaba zomphakathi; izindawo,abantu kanye nezilwane ezifuywayo<br>• Igumbi lezemvelo/itafula lokukhangisa izitshalo.<br>• Izithombe zezitshalo nokudla/ izinhlobo zokudla namaphakethe. |

**Yenza imisebenzi eyenzeka njalo nemidlalo ekhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kuhlelwe esigabeni sesi-2**

**Nsukuzonke sebenzisa ikhalenda yekilasi ukuchaza usuku nenyanga kuze kuphele unyaka.**

**Ukubukeza, ukuhlola nemiphumela kumele kwenzeke njalo. (isikhathi esinikeziwe siyakuvumela nalokhu)**

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe njengoba zenzeka ngethemu leyo. (amahora ama -2 abekelwe lokhu).**

**Isihloko: Umphakathi 4 amahora**

- Izindawo emphakathini - izindlu nezindawo lapho sihlanganyela.khona
- Abantu bomphakathi - abantu abanosizo kimi,abantu abadayisayo,abantu engibaziyo
- Ukunakekela izinto ezilusizo emphakathini-njengezindawo zokushaya ucingo, izithuthi zomphakathi nezindlu zangasese zomphakathi.
- Ukugcina izindawo zihlanzekile - imigqomo yezibi nokungalahli ukungcola phansi.

**Isihloko: Izilwane ezifuywayo 2 amahora**

- Izilwane esingazifuya
- Singazinakekela kanjani ekhaya - izindlu zazo, ukudla, amanzi, zihlale zihlanzekile.
- Ukuphatha izilwane ngendlela eyiyo - ukudlala nazo ungazicasuli, ungazishayi, ungazivaleli emotweni, njll.

**Isihloko: Indlela yokuziphatha nezinto okumele uzenze 2 amahora**

- Ukubingelela abantu esibaziyo nabantu esingabazi
- Ukulindela ithuba lakho
- Ukulalela abanye
- Ukwabelana
- Ukutshengisa uzwelo
- Ukwethembeka
- Ukuhlonipha abanye abantu nezinto zabo

Qaphela: Ukusebenzisa abalingiswa. Hlanganisa indlela yokuziphatha nezinto okufanele azenze unyaka wonke.

**Isihloko: Izitshalo nezimbewu 4 amahora**

- Kungani sidinga izitshalo - faka okudliwayo, umthunzi, umpheme wezilwane
- Zibukeka kanjani izitshalo - izimpande, isiqu, amaqabunga nezimbali.
- Izinhlobo zezitshalo - ukufana nokwehluka kwazo
- Imbewu nalapho ivela khona
- Yini edingwa izitshalo ukuze zikhule
- Ukukhula kwesitshalo kusukela embewini -njengobhontshisi noma umbila.

**Isihloko: Ukudla 6 amahora**

- Ukudla esikudlayo
- Sizitholaphi izinhlobo zokudla ezehlukene: izithelo, imifino, umkhiqizo wobisi, inyama njll.
- Izindlela zokudla ezinempilo
- Ukudla okunempilo nokungenayo impilo.
- Ukukhetha ukudla okunempilo nobungako kwako.
- Ukulondoloza ukudla -okusha, okusebhikilini, okomile, okusesiqandisini, nokuphuma emhlabathini,

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo 2 amahora**

| Ithemu 4 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlalakahle** | **amahora angama - 20**<br>(2 amahora/ngesonto) | **Izinsiza ezinconwayo**<br>Ezinye zezinsiza ezingasetshenziswa kusifundo sAmakhono empilo yilezi:<br>• Izithombe ezinezindaba<br>• Izithombe ezinezindlu<br>• Izibonelo zezinto zokwakha ezihlukene.<br>• Izithombe zenyanga |

**Yenza imisebenzi eyenzeka njalo nemidlalo ekhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kuhlelwe esigabeni sesi-2**

**Gcina ishadi lesimo sezulu linemininingwane yansukuzonke**

**Ukubukeza, ukuhlola nemiphumela kumele kwenzeke njalo. (isikhathi esinikeziwe siyakuvumela nalokhu)**

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe njengoba zenzeka ngethemu leyo. (amahora ama -2 abekelwe lokhu).**

**Isihloko: Amakhaya - 4 amahora**

- Izinhlobo zamakhaya -amafulethi, izindlu, imijondolo, izindlu zesintu.
- Amakhaya avumelana nezimo ezehlukene zezulu.
- Izindlu zakhiwe ngezinto ezingafani -izinkuni, udaka, izitini, amathini, amatshe, amakhadibhodi, oplastiki njll.

**Isihloko: Ibalazwe lezithombe - 4 amahoåra**

- Thola izindawo nezinto ebalazweni lezithombe.
- Thola indlela esuka kwenye indawo iya kwenye (sebenzisa la magama, ngase…, ngenhla, ngezansi, ngaphansi, ngaphezulu njll.)
- Thola ebalazweni lezithombe izigigaba ezenzeka endabeni.

Qaphela: Ibalazwe lezithombe liyimidwebo etshengisa lapho izinto zenzeka khona endaweni leyo. Ibalazwe lezithombe likukufundisa ikhono lokuthola indawo lapho yakhiwe khona nobude bayo.

**Isihloko: Amanzi - 4 amahora**

- Ukusetshenziswa kwamanzi -ekhaya nasesikoleni
- Izindlela zokxhaphaza amanzi
- Izindlela zokonga amanzi
- Amanzi okuphuza aphephile nangaphephile
- Ukulondoloza amanzi

**Isihloko: Isibhakabhaka ebusuku - 4 amahora**

- Ukushintsha kwemini nobusuku
- Sibukeka kanjani isibhakabhaka ebusuku
- Inyanga
- Ibukeka kanjani inyanga
- Siyibona nini inyanga
- Izishintsha kanjani inyanga ibe ngesinye isimo
- Izinkanyezi
- inkanyezi ishisa njengelanga (ilanga liyinkanyezi)

Qaphela: Kuyenzeka uyibone inyanga emini. Faka imisebenzi yezinto ozibonile nemidwebo.

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo - 2 amahora**

**Hlanganisa izihloko nokuhlola - 2 amahora**

| Ithemu 1 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>• Izinsimbi zomculo, eziqoqiwe nezenziwe<br>• Izinto ezilalelwayo ezizodlala izinhlobo ezahlukene zomculo<br>• Upende wemibala ejwayelekile kube khona omnyama nomhlophe, amabhulashi angalingani<br>• Izinto zokudweba: izimo zezakhiwo ezitholakala emabhokisini aguquliwe |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yoku - 1 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esjwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

*Ubuciko bokwenza 10 amahora*

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Fudumeza izingxenye zomzimba ‘ngokudlala uphiyano’,’ukugeza umzimba’,’ukuxukuza amanzi ’
- Thola indawo ephephile ezosetshenziswa ngokuhlanganyela ngaphandle kokungqubuzana
- Ukunyakaza ngokuvulelekile: ukuhamba, ukugxuma, ukugijima eya phambili nasemuva
- Ukuma: ukugobisa amadolo, amahlombe nezihlakala
- Lungisa iphimbo: bazijwayeza ukuphefumula ngokwenza imidlalo abaziqambela yona njengokuphephetha ikhandlela
- Ukwazi umzimba wakho nendawo okuyo njengokuthi, ngaphansi, ngaphezulu, usebenzisa umzimba noma izithiyo
- Bamba isigqi esihamba ngezivinini ezahlukene ube ngokushaya izandla noma uhambisana nomculo, nihamba ngahamba ngabane, neqa ngababili
- Pholisa umzimba uphumule: isb. ‘Ikhandlela liyancibilika’, ‘ibhaluni likhipha umoya’

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Bheka izimo zezakhiwo nesisindo sazo usebenzisa amagama okunyakaza njenga: mazombezombe, umntshumo, evulekile,okunomfomfo, udonsa ibhokisi elisindayo efanele ukulingisa
- Cula amaculo esintu usebenzisa iminyakazo elungele ukulingisa
- Sebenzisa izinto ezingatholakala eduze nezejwayelekile emakhaya nasemphakathini njengemigubho yosuku lokuzalwa, imidlalo, imidlalo yezindlu
- Ukulingisa: yakha imidlalo yokulingisa emifishane ezoba nemisho emibalwa incike entweni abazithandayo - bakhethe into ethile ayenze kwangathi iyaphila

**Ubuciko bokubonakalayo 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili (2D)**

- Dweba isithombe sakho usebenzisa izinsiza ezahlukene, amakhrayoni noma ushoki
- Dweba upende izithombe zakho lapho unabanye abantu
- Penda isithombe sakho ufake imininingwane - amehlo, izindlebe, ikhala nomlomo kuxoxwe ngesimo sekhanda, nombala.
- Yenza amaphethini ngopende oshubile.

**Ukwenza okunhlangothintathu (3D)**

- Ukwakhiwa kwebhokisi usebenzise amabhokisi ake asetshenziswa ube ugxile kuzimo ezisazibalomdwebo; uzichaze

| Ithemu 2 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Sebenzisa izinto ezibalwe engxenyeni yesifundo sAmakhono Empilo |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yesi - 2 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esjwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

*Ubuciko bokwenza 10 amahora*

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Fudumeza umzimba: hlikihla izandla namaqakala wenze izimo ngomzimba ezinkulu nezincane, ezivulekile nezinciphile.
- Umdlalo wokuma ngci ugxile entweni ethile,, lapho kubuka khona amehlo nokusebenzisa indawo.
- Ukunyakaza komzimba: ukugxuma, ukugabadula beya phambili nasemuva
- Umnyakazo wokujikeleza: okuphindekayo, wokushwiba izingalo nogobisa izingalo
- Ukuzwa ukuqala ukuqhubeka nokuphela komculo, indaba nomnyakazo
- Ukukopisha iminyakazo, isigqi, namaphethini eminyakakazo efana nokubukela oholayo, ukuhamba, ukugxuma, noku-shaya izandla.
- Ukuhlukanisa izingxenye zomzimba ngokwenza umnyakazo wokuthinta nokunyakazisa izinyawo
- Ukulolonga iphimbo ngemilolozelo, ukusebenzisa ulimi ngendlela esheshayo ngokucula amaculo nokuchaza ngokulolon-ga iphimbo
- Ukupholisa umzimba nokuphumula: ngemidlalo esho 'ukushushuzela umntwana'

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Ukulingisa (lingisa okwenziwa uthisha )
- Yakha imisho emifishane uma kwenziwa inkulumo mpikiswano phakathi kwendlovu negundane
- Iminyakazo yokulingisa izimo ezithile ezahlukene, isib. Ngeskhathi sokudla, ikalasi, ibhasi
- Ukucula amaculo asebenzisa izimo ezingafani njengokumemezayo nokupholile, okusheshayo nokunensayo

**Ubuciko bokubonakalayo 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili (2D)**

- Ukupenda ngemunwe noma nangamabhulashi: ukubonisana ngokuhlanganisa upende ngemibala engaxutshiwe nexutshiwe
- Dweba isithombe sakho unomndeni wakho nenza okuthile; xoxa ngemigqa nezimo
- Dweba upende isithombe sakho wenza okuthile;ukhuthaze ukuqonda ukunyakaza komzimba, usho futhi uxoxe ngamalungaomzimba ezisebenzayo

**Ukwenza okunhlangothintathu (3D)**

- akha izithombe ngobumba; ukhuthaze ukusetshenziswa kwezinto zokwenza
- Akha indlu usebenzisa amabhokisi ake asebenza nezinye izinto. Ukhuthaze nokusebenza okuyikho kweglu

| Ithemu 3 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe** Sebenzisa izinto ezibalwe engxenyeni yesi-2yesifundo sAmakhono Empilo yengxenye yoku-1 yonyaka |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yesi- 3 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esjwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

*Ubuciko bokwenza 10 amahora*

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Fudumeza umzimba: isb. Iculo lokukhomba amalunga omzimba
- Hlanganisa izinto ezikwazi ukunyakaza nezinganyakazi njengokugijima- ugijime-uphenduke, ugijime uye phambili ushone phansi uye phezulu.
- Ukulingisa buthule ukhombise imizwa ngokusebenzisa imicabango njengokudla engikuthandayo, ukuvula isipho
- Imidlalo egxile ekufundweni kwezibalo nasekusetshenzisweni kolimi njengemilolozelo enezinombolo, nezimo zokwakheka kwezinhlamvu ngokunyakaza
- Amakhono okulalela umculo nemidlalo besebenzisa isivinini esahlukene, ukuphakama, ukushintsha nesikhathi esibekiwe
- Ukupholisa umzimba nokuphumula usebenzisa amagama afana: fingqeka kancane-kancane, ululeke kancane-kancane

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Ukuzikhethela imisho eyenziwa ngeminyakazo ukuhumusha isihloko kusuka ekuqaleni kuya ekugcineni
- Ukushaya izandla kuhambisana nesigqi kathathu noma kane, ukunyakaza uhambisana nomculu kathathu noma kane
- Ukulingisa wenze isimo esikholekayo esimayelana nenkondlo yeNingizimu Afrika, iculo noma indaba belawulwa uthisha.

**Ubuciko bokubonakalayo 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili (2D)**

- Yenza bese upenda umdwebo wezilwane ezikhona noma ezisemcabangweni; ukhuthaze ukuveza ulwazi ngemigqa nezimo zezakhiwo nokunye okuyimininingwane ekhona; ukuchaza isithombe sakho
- Yenza bese upenda umdwebo wesithombe sakho ugibele isithuthi, ukhuthaze ukuveza imigqa nezimo zezakhiwo, imibala nokuveza izinto eziphikisanayo (isb.okukhulu/okuncane, okude/okufishane

**Ukwenza okunhlangothintathu (3D)**

- Akha imifanekiso yezilwane ozicabangayo usebenzisa ubumba, noma izinto ezingabuye zisebenziseke, uqikelele indlela elungele ukusebenzisa lezo zinto ozokwakha ngazo kanye nendawo

| Ithemu 4 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Sebenzisa izinto ezibalwe engxenyeni yesi-2 yesifundo sAmakhono Empilo yengxenye yoku-1 yonyaka |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yesi - 4 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esjwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

*Ubuciko bokwenza 10 amahora*

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Ukufudumeza umzimba: usebenzisa amazinga ahlukene; aphakeme: ukukha ama-aphula esihlahleni, aphansi:ukugaqa, aphakathi: ukukhokhoba
- Iminyakazo yomzimba: ukugxuma, ukweqa,ukugabadula, ukugijima nohambisana nomunye nishintshe umgudu enihamba ngayo
- Unganyakazi: ohlanganise ukusonta; izingalo, ukugobela emacaleni, nokugxuma
- Imidlalo yokushayana ngezandla bebabili noma ngaphezulu begxile ekuxhumaneni noma ekuhambisaneni
- Lalela umculo usho ukuthi unamuphi umuzwa: ukudumala, ukujabula nokunye
- Pholisa umzimba uphumule: 'uzizwe ufana nophaphe luntanta esibhakabhakeni'

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Izinto ezimele umnyakazo nomsindo: njengokwenza umshini, ihlathi lomlingo, i-ambulensi, ngayedwana noma ngamaqembu
- Umsebenzi wekilasi wokucula iculo/inkondlo/indaba benze nomnyakazo nokulingisa ngeNingizimu Afrika

**Ubuciko bokubonakalayo - 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili 2D**

- Yenza umdwebo noma ukupenda ukulandela isihloko sethemu. Kugxile emnyakazweni womzimba, umugqa, izimo zezakhiwo nombala

**Ukwenza okunhlangothintathu (3D)**

- Yakha umfanekiso wakho kukhona okwenzayo endaweni ohlala kuyo usebenzise ubumba; khuthaza ukuveza imizwa, nokusetshenziswa okufanele kwezinto ezihlukene nokwazi ngendawo

| Ithemu 1 yonyaka Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora anga - 20** | **Izinsizakufundisa ezinconyiwe**<br>Amasakana okudlala<br>Iziboniso, amaribhini, ibhande lendwangu<br>Ugxa odwetshwe phandle endaweni ehlanzekile endlalekile |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yoku-1. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kule ngxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo kungafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka.

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo komzimba**

- Uhamba edakha ngezindlela ezahlukene.
- Imidlalo yokudakha kuzungezwe izinhlanga noma izinduku ezixhonywe phansi ukungena phakathi kwazo kushintshwe imigudu
- Sebenzisa izinzwa: ukubuka - umdlalo wezithiyo
- Sebenzisa izinzwa: ukuzwa-ukulalela imiyalelo ngesikhathi unyakaza

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Gingqela omunye ibhola elikhulu
- Dlulisela ibhola komunye naye aledlulisele komunye
- Phonsa unqake ibhola elikhulu

**Isigqi**

- Ugxa/isikotshi
- Ingqathu
- Ukucula imilolozelo wenze neminyakazo ngomzimba

**Ukuxhumana**

- Ukuphonsa nokunqaka amasakana okudlala
- Ijangijimu - lenga ubambelele ngengalo phezulu
- Ijangijimu - ucace izitebhisi uye phezulu

**Ukuzimelela**

- Umdlalo wokugwingciza phakathi kwezinduku kushintshwe imigudu
- Ukubona izindlela ezihlukene zokuhamba phezu kwesizimazisi
- Ijangijimu - ukuzimelela uhamba phansi ngokungcengca

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Ukusebenzisa imizwa: ukukwazi ukuhambisa umzimba phakathi kwezithiyo ezahlukene
- Gijima uye ezindaweni ezehlukene ngaphandle kokushayisana nabanye usebenzise indawo okuyo.
- Ukwakha ngokuhluka: indilinga
- Ukugxuma ngaphezulu nokuphuma ngaphansi kwezithiyo, ukugaqa, ukungqengqa, ukujomba njll.
- Ukugaqa kijangijimu nokuluka ezinhlakeni kusebenza amalungu omzimba

**Ukwazi esokudla nesobunxele**

- Imisebenzi usebenzisa uhlangothi olungenamandla

**Ezemidlalo**

- Badlala imidlalo abazikhethele yona.
- Imidlalo yokunyakaza - ukuqonda ubungako, ubude bendawo, indawo, kanye nobude bendawo ababenzile/ababuhambile

| Ithemu 2 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Amasakana okudlala<br>Iziboniso, amaribhini, ibhande lendwangu<br>Ugxa odwetshwe phandle endaweni ehlanzekile endlalekile |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yesi-2. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo kungafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka.

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**
- Amalunga omzimba: bacula amaculo noma bahaya imilolozelo bebe bethinta amalunga omzimba ahlukene,njengokuthi thinta izandla, amadolo, izithende, indololwane njll.
- Umdlalo - 'izandla, amadolo, izithende nezindololwane' - kunyakaziswe amalunga omzimba

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**
- Amakhono ebhola - ukudluliswa kwebhola kumiwe indilinga phezu kwamakhanda; phansi kwemilenze kumiwe umugqa oqondile; kuphoselwe omunye ibhola; ligqonywe phansi bese libanjwa omunye.
- Shaya ibhaluni omoyeni (liye phezulu)

**Isigqi**
- Ukugxuma nokukheleza
- Ukugxuma uye phezulu naphansi; ukugxuma uye phambili; emuva nasemaceleni
- Imisebenzi yokudlala ngeminwe - imilolozelo ngeminwe

**Ukuxhumana**
- Ukuxhumana kweso-nesandla-nonyawo-kusetshenziswa izithiyo
- Ukududula / ukushaya ibhaluni liyoshaya indawo eqondiwe

**Ukuzimelela**
- Ukuhamba phezu kwentambo noma umugqa odwetshwe phansi
- Ukuzimelela entweni ephansi njengepulangwe noma isizimeleli
- Ukuzimelela ezihlalweni

**Ukuqonda indawo okuyo**
- Ukuqeda izithiyo ezibekiwe kusetshenziswa ijangijimu noma okufana nayo

**Ukwazi esokudla nesobunxele**
- Gingqika uye emaceleni, ugingqike uye phambili nasemuva
- Phonsa unqake isakana lokudlala ngesandla esingenamandla
- Zimelela ngomlenze ongenamandla

**Ezemidlalo**
- Imidlalo yesintu ekhethwe abafundi

| Ithemu 3 Ibanga 1 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Izikhafu/ indwangu ende<br>Ibhola namapali<br>Amathayi amadala |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yesi-3. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Nyakaza - yeqa, gijima, ngqengqa bese ugaqa
- hamba ngokuhlehla nyova ngezithende, nangezinzwane
- hamba uye phambili ngokweqa umlenze onamandla
- landela imiyalelo unyakaze ngokushesha/ngokunensa

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- abafundi basiza ngokubeka izithiyo bese bephuma/bechusha kuzo ngendlela ephephile - bengqengqa phezu kwazo, begaqa, bebambelela/bezimelela kuzizimeleli

**Isigqi**

- Dlala ingqathu, ngawedwana, ngabathathu, ababili bashayele omunye eqe benikezana amathuba

**Ukuxhumana**

- Ukuxhumana kwesandla-neso - phosa ibhola lomphebezo emoyeni bese uyalinqaka, ligqonywe phansi, ulidlulisele komunye
- Ukugxuma weqe intambo

**Ukuzimelela**

- Ukuzimelela phezu kwamathayi emoto, abekwe alaliswa phansi noma amisiwe
- ukudlala imidlalo kusetshenziswa amasakana okudlala ukuzimelela ngamalunga ahlukene omzimba isb. 'uSimon uthi' ukubeka isakana lokudlala emahlombe

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Gaqa uphume phakathi kwamathayi abekwe umugqa

**Ukwazi esokudla nesobunxele**

- Dlala ugxa ugxume ngomlenze ongenamandla
- Gijima ushwibe intambo/ibhande/iribhini usebenzisa isandla esingenamandla

**Ezemidlalo**

- Dlala umacashelana
- Ikati negundane

<table>
<tr><th colspan="3">Ithemu 4 Ibanga 1</th></tr>
<tr><td>Isifundo sokuvocavoca umzimba</td><td>amahora engama - 20</td><td>Izinsiza kufundisa ezinconyiwe<br>Indophi, amabhande endwangu nokunye<br>Amabhola anezilinganiso ezinga-fani</td></tr>
<tr><td colspan="3">Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yesi-4. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kule ngxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo kungafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka<br>Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo<br>• Hamba, gijima ubuye weqe usebenzisa izimpawu ukushintsha ukusuka ekuhambeni kuya ekugijimeni ekweqeni<br>• Ukuma ndawonye: ukujikajika - ukujikajika ngezindlela ezahlukene; ukujikajika ngayedwana kanye nomunye<br>Ulwazi lokunyakazisa umzimba<br>• Imidlalo lapho abafundi benza isikokela bedlala ibhola.<br>Isigqi<br>• Imidlalo esebenzisa intambo/indophi - ingqathu (ababili bazobamba indophi bayishaye owesithathu eqe kuyona ngesikhathi beyishaya<br>• Ukulandela imiyalelo kusetshenziswa umsindo wesigubhu ukuveza ushintsho lwesigqi<br>Ukuxhumana<br>• Ukudlala ibhola elikhulu ngezandla<br>• Ukuxhumana konyawo-neso, bebingelelana ngokuthintana ngezinyawo<br>Ukuzimelela<br>• Hamba entanjeni / endophini - uye emuva, uye phambili nasemaceleni noma ngaphandle kokuthi uphambanise izinyawo.<br>• Ukuhamba entanjeni/endophini nezandla zisekhada, nezandla emhlane, nezandla eqolo<br>• Mana ngeezinzwane, hamba phezu kwebhola, hamba ngezithende kancane<br>Ukuqonda indawo okuyo<br>• Umdlalo wekati negundane endaweni emakiwe.<br>• Izimo zezakhiwo ezikhonjiswa ngomzimba nezinombolo 1, C<br>Ukwazi esokudla nesokunxele<br>• Phenduka umi endaweni eyodwa ubheke kwesokudla nangokwesobunxele<br>• Khahlela ibhola uqondise endaweni ehlosiwe usebenzisa unyawo lwesokudla nelwesokudla, phonsa ibhola lichushe kundilinga usebenzisa isandla sobunxele nesokudla<br>Ezemidlalo nemidlalo<br>• Dlala imidlalo, yekati negundane<br>• Imijaho yokuhamba - uhamba ngezinzwane, hamba ngezithende, uhamba phansi ngezinyawo<br>• Imidlalo yokugijima ninikezana induku</td></tr>
</table>

## IBANGA LESI - 2

| Ithemuyoku - 1 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlal-akahle** | **amahora angama - 20**<br>(2 amahora/ngesonto ) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ezinye zezinsiza ezingasetsh-enziswa kusifundo sAmakhono empilo yilezi;:<br>• Izibonelo zezinto ezisiza abantu -njengezibuko zokufunda,uhlaka lokuhamba izinsiza kulalela, inja ekuholayo<br>• Izinto/izinto ezelekelela ukuhlanzwa kwamanzi. |

**Yenza imisebenzi eyenzeka njalo nemidlaloekhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kuhlelwe esigabeni sesi-2**

**Nsukuzonke sebenzisa ikhalenda yekilasi ukuchaza usuku nenyanga kuze kuphele unyaka.**

**Ukubukeza, ukuhlola nemiphumela kumele kwenzeke njalo. (isikhathi esinikeziwe siyakuvumela nalokhu)**

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe njengoba zenzeka ngethemu leyo. (amahora ama -2 abekelwe lokhu).**

**Isihloko: Esikudingayo ukuze siphile - 4 amahora**

- Izinhlobo ezahlukene zokudla - okukhulisayo, okunika amandla, okunempilo
- Amanzi -siwadingelani amanzi, siwathola kuphi amanzi esiwasebenzisayo
- Umoya - umoya ohlanzekile
- Ukukhanya kwelanga - ukuvikeleka elangeni

Qaphela: Asikho isidingo sokufundisa ngokwakheka kwamanzi.

**Isihloko: Mina nabanye - 4 amahora**

- Abangani -izimpawu zabangani abahle / abalungile.
- Abantu: esikoleni nasekhaya- kumbandakanya ukwabelana, ukusizana, ukuhloniphana.
- Ukubhekana nezinkinga ngendlela eyiyo - kufaka ukuzethemba nokuxhaphaza

**Isihloko: Sonke sibalulekile - 6 amahora**

- Abantu bayafana futhi bahlukene
- Izinto ezisiza abantu-njengezibuko zokufunda, uhlaka lokuhamba, inja ekuholayo, izinsiza zokulalela
- Ukunakekela abantu abakhubazekile
- Ngingaba yiqhawe

**Isihloko: Ukuphila ngendlela efanele - 4 amahora**

- Ukuvikela ukudla esikudlayo - kumbandakanya ukuvikeleka ezimpukaneni, ukugcina ukudla kubanda
- Izindlela ezilula zokuhlanza amanzi.
- Izinto ezisihlukumezayo -ugwayi, utshwala izidakamizwa njll.
- Imikhuba emihle -njengokuzivocavoca njalo, ukungahlali umabonakude isikhathi eside.

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo 2 amahora**

| Ithemu 2 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlalakahle** | **amahora angama - 20**<br>(2 amahora/ngesonto) | **Izinzwa ezinconyiwe**<br>Ezinye izinsiza ezingasetshenziswa kusifundo sAmakhono empilo yilezi;<br>• Izibonelo zezingubo ezigqokwa ngezikhathi zonyaka ezahlukene.<br>• Izithombe nezincwadi ezinolwazi |

**Yenza imisebenzi eyenzeka njalo nemidlaloekhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kuhlelwe esigabeni sesi-2**

**Ukubukeza, ukuhlola nemiphumela kumele kwenzeke njalo njalo.(isikhathi esinikeziwe siyakuvumela nalokhu)**

**Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe njengoba zenzeka ngethemu leyo. (amahora ama -2 abekelwe lokhu).**

**Isihloko: Izikhathi zonyaka - 6 amahora**

- Zine izikhathi zonyaka.
- Izikhathi zonyaka zenza luphi ushintsho kithi- kwesikugqokayo, ukudla, emisebenzini esiyenzayo
- Izikhathi zonyaka zenza luphi ushintsho ezintweni ezikhulayo -ukutshala, ukumila, kanye nokuvuna
- Izikhathi zonyaka zenza luphi ushintsho ezilwaneni - kufaka ukulima isb. Ukugunda izimvu, ukudipha izilwane; izinyoni isb.ukwemuka kwezinyoni nokwenza izidleke

**Isihloko: Izilwane - 4 amahora**

- Izilwane ezifuywayo
- Izinhlobo zazo
- Ukuzisebenzisa - njengokudla nokokwembatha
- Izilwane zasendle
- Izinhlobo zazo
- Ukuguquguqu kwazo

**Isihloko: Izilwane ezihlala emanzini - 4 amahora**

- Amanzi amasha
- Umfula -isb. Inhlanzi, ingwenya njll.
- Amaxhaphozi namadamu - isb. Ixoxo, ujikamanzi njll.
- Amanzi anosawoti
- Ulwandle - isb. Ushaka, inkalankala
- Amanzi asemadwaleni -isb. Inhlanzi esankanyezi, inkalankala

**Isihloko: Amakhaya ezilwane - 4 amahora**

- Izilwane ezizakhela amakhaya/imizi yazo- njengezinyoni, izinyosi, izintuthwane
- Izilwane ezithola amakhaya/imizi- njengezimfene, izinyoka, ochakide njll.
- Izilwane ezithwala amakhaya/imizi yazo -iminenke, izimfudu njll.

**Izinsuku zezenkolo nezinsuku ezikhethekile - 2 amahora**

<table>
<tr><th colspan="3">Ithemu 3 Ibanga 2</th></tr>
<tr><td>Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlalakahle</td><td>amahora engama-20<br>(2 amahora/ngesonto)</td><td>Izinsiza ezinconyiwe<br>Ezinye zezinsiza izingasetshenziswa kusifundo sAmakhono empilo yilezi;<br>• Izibonelo sezinhlabathi ezahlukene<br>• Isithombe nezincwadi ezinolwazi<br>• Izimpawu zomgwaqo<br>• Amalunga omphakathi awusizo kwabanye</td></tr>
<tr><td colspan="3">Yenza imisebenzi eyenzeka njalo nemidlalo ekhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kuhlelwe esigabeni sesi-2<br>Ukubukeza, ukuhlola nemiphumela kumele kwenzeke njalo njalo.(isikhathi esinikeziwe siyakuvumela nalokhu)<br>Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe njengoba zenzeka ngethemu leyo. (Amahora ama -2abekelwe lokhu).<br>Isihloko: inhlabathi - 4 amahora<br>• Izinhlobo zenhlabathi -imibala nobunjalo bayo<br>• Izilwanyana ezihlala enhlabathini -njengomsundu, imvukuzane njll.<br>• Izitshalo ezimila enhlabathini; inzuzo yokutshala imifino.<br>Isihloko: Izithuthi - 6 amahora<br>• Yini isithuthi<br>• Izithuthi ezihamba emgwaqeni<br>• Izithuthi ezihamba esipolweni<br>• Izithuthi ezihamba omoyeni<br>• Izithuthi ezihamba emanzini<br>• Ukusebenzisa izinhlobo ezehlukene zezithuthi<br>Isihloko: Ukuphepha emgwaqeni - 4 amahora<br>• Imithetho yokuphepha yomgwaqo<br>- Abahamba ngezinyawo<br>- Abagibeli bamabhayisikili<br>- Abagibeli<br>• Izimpawu zomgwaqo zabahamba ngezinyawo nabamabhayisikili.<br>• Abaqaphi babafundi<br>• Asisiza kanjani amaphoyisa omgwaqo.<br>Isihloko: Abantu abasisizayo - 4 amahora<br>• Abantu abasisizayo emphakathini.-njengabahlengikazi emtholampilo, iphoyisa, uthisha, umlawuli wezincwadi njll.<br>• Bangisiza kanjani abanye abantu.<br>• Ngilucela kanjani ulwazi nosizo.<br>- Imikhuba emihle<br>• Ngilucela kanjani usizo oluphuthumayo<br>- Ngithinta bani<br>• Yiluphi ulwazi omnika lona<br>Qaphela: Mema umuntu osebenza emphakathini avakashele isikole<br>Izinsuku zenkolo nezinsuku ezikhethekile 2 amahora</td></tr>
</table>

<table>
<tr><th colspan="3">Ithemu 4 Ibanga 2</th></tr>
<tr><td>Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlal-akahle</td><td>amahora angama - 20<br>(2 amahora/ngesonto)</td><td>Izinsiza ezinconyiwe<br>Ezinye zezinsiza ezingasetshenziswa kusifundo sAmakhono empilo yilezi;<br>• Ibalazwe laseNingizimu Afrika elihlukaniswe ngokwe ziFundazwe<br>• Ifulegi lase Ningizimu Afrika<br>• Izibonelo zezinto ezehlukene zokuxhumana<br>• Izithombe nezinto ngemikhosi ehlukene yezenkolo<br>• Izithombe nezincwadi ezinolwazi</td></tr>
<tr><td colspan="3">
Yenza imisebenzi eyenzeka njalo nemidlaloekhululekile yangaphakathi nangaphandle njengoba kuhlelwe esigabeni sesi-2<br>
Ukubukeza, ukuhlola nemiphumela kumele kwenzeke njalo njalo.(isikhathi esinikeziwe siyakuvumela nalokhu)<br>
Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo ezibungazwa ngumphakathi kumele zixoxwe njengoba zenzeka ngethemu leyo. (amahora ama -2abekelwe lokhu).<br>
Isihloko: Izwe lethu - 4 amahora<br>
• Ibalazwe laseNingizimu Afrika<br>
• Igama nendawo yesiFundazwe sakho<br>
• Lapho sihlala khona<br>
• Ifulegi laseNingizimu Afrika - kufaka ukukwazi ukubona ifulegi nezindawo lapho libhakuza khona.<br>
• Iculo lesizwe laseNingizimu Afrika - ukulilalela nokulicula<br>
Qaphela: lingafundwa iculo lesizwe ithemu yonke, kufaka abafundi abaphuma kwamanye amazwe namafulegi abo.<br>
Isihloko: Izindlela esixhumana ngazo 6 amahora<br>
• Ukukhuluma - kufaka ukuchaza, ukuxoxa, izinkondlo, namaculo.<br>
• Ukubhala - kufaka ukubhala incwadi noma ikhadi nokuliposa<br>
• Ukufunda - kufaka imithetho nokukhangisa<br>
• Ukulalela - kufaka umsakazo nezindaba<br>
• Ukubuka - kufaka ukufunda izindaba, ukufunda ngokubuka, ukusebenzisa izimpawu zokukhuluma<br>
Isihloko: Impilo ebusuku - 6 amahora<br>
• Izinto engizenza ebusuku- ukulungela ukulala, ukufunda nokuxoxa izindaba nezinganekwane, izinkondlo namaculo<br>
• Abantu abasebenza ebusuku -abaqaphi, odokotela, onesi, abashayeli bezindiza nabamaloli.<br>
• Izilwane zasebusuku-isikhova, ingungumbane, imvukuzane, ingwe, ujakalase, indlonzi njll.<br>
Izinsuku zenkolo nezinsuku zekhethelo - 2 amahora<br>
Hlanganisa izihloko nokuhlola 2 amahora
</td></tr>
</table>

| Ithemu yo-1 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **UBuciko Bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Bheka izinsizakufundisa zesifundo sAmakhono ezibalwe engxenyeni yesi-2 |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yoku - 1 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esejwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

*Ubuciko bokwenza - 10 amahora*

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Ukufudumeza umzimba: ukujwayeza ukuzivocavoca okufaka ukuphefumula ngokusebenzisa amalunga omzimba; ekhomba eguquguqula isihlakala njll.
- Ukulolonga iphimbo: usebenzise amaculo, ukucula onkamisa, nokunye kokunyakazisa ulimi
- Ukucula amaculo kusetshenziswa indlela eyodwa yokucula
- Umsindo owenziwa ngokushaywa komzimba, ukwenza isigqi esishaywa ngesineke
- Ukunyakaziswa kwezicubu zomzimba: ukuhamba, ukugijima, ukweqa, ukugxuma beya emigudwini eyahlukene bengabodwana noma bengababili
- Umnyakazo ongagqamile ; ukufinyelela, ukugoba, bephakama ngokwabo noma ngababili
- Imisebenzi efaka ukulalelwa kwendaba exoxwayo: ukulalela bese wenza njengokwemiyalelo njengokuxoxa indaba ngokulekelelana ngokudla abakuthandayo, izindaba eziqhubekayo, nezinokupindaphinda
- Ukupholisa umzimba nokuphumula; lala phansi ngomhlane udonse umoya uwukhiphe, ubuke imibala ngamehlo engqondo

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Qamba izimo zombukiso ezincike esihlokweni esifanele, igxile endabeni ethile
- Qamba abadlali abafanele: ukhombise umehluko phakathi kwabalingiswa nemibono yabo ngemisho emifishane
- Amaphethini esigqi usebenzise amagama athathelwe esihlokweni njengokuthi “abantu nemisebenzi abayenzayo” osebenza ngokhuni, osebenza ebhusha, njll. .
- Sebenzisa umsindo owenzeka emabhusha noma kunqanyulwa izinkuni ukwenza izigqi ezahlukene.
- Funda umnyakazo waseNingizimu Afrika bedansa, njengomdanso wamadadla

**Ubuciko bokubonakalayo - 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili 2D**

- Penda izithombe zakho unabanye kukhona enikwenzayo (gijima, ukweqa, dansa njll.) nixoxe ngemibala ejwayelekile nehlanganisiwe, imibala ezothile, izimo nemigqa
- Akha amaphethini usebenzise izimo zezakhiwo; uxoxe nangesigqi nokuphindaphindeka kwaso

**Ukwenza okunhlangothintathu 3D (ukwakha)**

- Sebenzisa ubumba ukuhlobisa izitsha; xoxa ngamaphethini, izimo zezakhiwo, umugqa, nixoxe ngesizinda nangobunjalo nangamacebo ayikho okuxhumanisa

| Ithemu -2 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Ubuciko bokusungula** | **Amahora angama-20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Bheka izinsizakufundisa zesifundo sAmakhono ezibalwe engxenyeni yesi-2 |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yesi - 2 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esejwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

*Ubuciko bokwenza - 0 amahora*

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Ukulolonga iphimbo:ukuthuthukisa ukuphimisa (izindebe, ulimi, imihlathi) ngento abayicabangayo
- Ukufudumeza umzimba: ngeminyakazo engahambisani kusetshenziswa okukhulunywayo njengokuthi, mana! Hamba!sukuma!
- Imidlalo enesigqi egxile kumakhono okulalela nokukhumbulaamaphethini angahlangani
- Ukwenza umsindo ngokushaya umzimba nezigubhu ukwenza isigqi nephethini
- Ukunyakaziswa kwezicubu zomzimba: ukuviliyela, ukugxuma, ukugabadula, ukuphenduka ngabodwa noma ngamunye
- Umnyakazo ongagqamile: ukugingqika, ukujikela, ukuzelula ngayedwa nangababili
- Ukupholisa umzimba nokuphumula: veza isimo semizwa nemicabango ngeminyakazo njengokundiza emafini, ukuzizwa wezela njll.

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Sebenzisa amaphethini anesigqi ahlangene neminyakazo yezicubu njengokushaya izandla nesigqi sokugabadula noku-viliyela kanye nokweqa, njll.
- Ukucula amaculo ugxile kuzindlela ezehlukile zokusebenzisa iphimbo njengoku: klabalasa, nephimbo elipholile, oshe-shayo nonensayo
- Ukulingisa okuncike ezihlokweni ezikhethiwe noma endabeni exoxwe uthisha nisebenze ngababili nishintshane
- Ukusebenzisa amaqhinga omdlalo wokulingisa uveze imicabango nemizwa yabalingiswa, isb.umdlalo uveza umlingiswa odidekile kufanele kutholakale ukuthi ithini imizwa yakhe

**Ubuciko bokubonakalayo - 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili 2D**

- Dweba noma upende izithombe ezizohambelana nezihloko zethemu ugxile ngokungahlelekile emigqeni, ubunjalo, umbala njll.
- Sebenzisa izinto ezingabuye zisebenziseke ukwakha isizinda esidwetshiwe; ekhuluma ngezimo zezakhiwo nokunye

**Ukwenza okunhlangothintathu3D (ukwakha)**

- Yakha imaski ukusebenzisa izinto ezike zasebenza; kuxoxwe ngezimo nobunjalo bazo,ukuthuthukisa amakhono obuciko

| Ithemu 3 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Ubuciko bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Bheka izinsizakufundisa zesifundo sAmakhono ezibalwe engxenyeni yesi-3 |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yesi - 3 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esejwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo

*Ubuciko bokwenza - 10 amahora*

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Ukufudumeza umzimba: ukugoqana nokweluleka komgogodla kuhleziwe phansi, ukugoqana ube yibhola, uqaqeke welule futhi umgogodla, njll.
- Ukuhlala kahle/ngokunakekela phansi usebenzisa (izinzwane-amathe-isithende, ugobe ngamadolo) ngesikhathi egxuma, ekheleza, exhuga
- Ukunyakaza kwezicubu zomzimba: ukushushuluza ngezinyawo phansi, egijima, exhuga ngayedwana noma ngababili
- Iminyakazo engabonakali: ukuphenduka, ukuwa, ukugxoba, ukukhahlela ngayedwana noma ngababili
- Izigqi esahlukene kusetshenziswaizinsimbi noma umzimba
- Ukulalela umculo nokuchaza umuzwa njengo kudumala, ukujabula, njll.
- Ukulingisa buthule; ukulingisa izinto ezenzeka nsukuzonke njengokuphakamisa itshe/into esindayo noma into elula njengophaphe
- Imidlalo egxile ezibalweni nasolimini njengamaculo nemilolozelo enezinombolo nezinhlamvu ikhonjiswe ngokunyakaza, kubhalwe amagama ngozwane
- Ukupholisa umzimba nokuphumula; lala ngomhlane uqinise/welule zonke izicubu, uqinise amahlombe, uqinise izibhakela, bese uvumela umzimba ukuthi udedeleke

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Ukwakha amaphaphethi olula usebenzisa izinto ezilahliwe / ezingasebenzi: iphaphethi yesokisi/yomunwe, eyesandla njll.
- Ukwenza imidlalo yakho ngamaphaphethi kukhulunywa kusetshenziswa amaphaphethi enziwe
- Yenza imisindo enesigqi ehambisana nendlela iphaphethi ngokusebenzisa iphimbo, izinsimbi noma izinto ezitholakele
- Yenza iminyakazo yokulingisa iphaphethi, njengokuthi ibhubesi elilambile linyonyobela igundane

**Ubuciko bokubonakalayo - 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili 2D**

- Yakha imidwebo ependiwe yezinyoni, inhlanzi, izinambuzane, njll.besebenzisa amakhrayoni angamafutha, ichazwe imibala, izakhiwo, ubunjalo, namaphethini. Buka uxoxe ngemidwebo edumile emhlabeni
- Yakha imidwebo encike emicabangweni yezitshalo nezimbali, kuxoxwe ngemibala exutshiwe nengaxutshiwe, kusetshenziswa amagama afana nokuthi, ngemuva, ngaphambili, ngaphansi njll.

**Ukwenza okunhlangothintathu 3D (ukwakha)**

- Sebenzisa izinto ezike zasebenza ukwakha ubindizi lwepepha` ukwenza izinto ezingasebenziseka: izinkomishi zamaqanda, nezitsha zezitshalo nokunye ukuthuthukisa amakhono omsebenzi wezandla

| Ithemu 4 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Ubuciko bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Bheka izinsizakufundisa zesifundo sAmakhono ezibalwe engxenyeni yesi-4 |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yesi - 4 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esejwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo

*Ubuciko bokwenza - 10 amahora*

**Imidlalo yokuziqambela namakhono**

- Ukufudumeza umzimba: sebenzisa izindilinga, amakhona, nemizungezo
- Ukulolonga iphimbo: kusetshenziswa amaculo nemilolozelo encike kumanothi aphezulu naphansi nokusheha kwawo
- Ukucula amaculo azothuthukisa ukucula ngendlela
- Ukuhlanganisa umnyakazo ogqamile nongagqamile wezicubu zomzimba njengokusonta okuhlangene nokugabadula ngabodwana noma ngababili
- Ukulingisa buthule; ukulingisa izinto ezenzeka nsukuzonke kugxile esisindweni nasezimweni zezakhiwo, njengokuqukula ibhokisi elisindayo, noma uphaphe
- Ukupholisa umzimba nokuphumula; lala phansi uqinise umzimba uqinise zonke izicubu, uqinise izibhakela, bese uvumela umzimba ukuthi udedeleke
- Ukuqamba amazinga ahlukene omculo, kusetshenziswa isigqi, nokushesha, nokuveza abalingiswa nemizwa

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Lalela umculo ukuchaza ukuhluka kwezinto, ukuphakama, umkenenezo oxoxa indaba
- Ukwakha iminyakazo kusebenza umlingiswa ophambili, nezicubu zomzimba ukuchaza indaba
- Ukuthuthukisa umdlalo ngephaphethi ngokuxoxisa amaphaphethi
- Ukubheka indlela yokwenza, umumo nobudlelwano bamaphaphethi

Ubuciko bokubonakalayo - 10 amahora

**Ukwenza okunhlangothimbili 2D**

- Yakha imidwebo yapende encike esihlokweni esincike kule ngxenye yonyaka; uxoxe ngemibala, ubunjalo, ukuphikisana, izimo zezakhiwo

**Ukwenza okunhlangothimbili 3D (ukwakha)**

- Yakha izakhiwo zobumba

| Ithemu 1 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Amabhola, izitsha neziduku zokugxumeka, izindilingi |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yoku - 1. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Dlala umdlalo wesintu, njengezingendo
- Umdlalo wokujijima ngamasaka
- Ukugijima uphethe iqanda ngesipuni/uthwele ibhakede eligcwele amanzi

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Ukuphonsa amasakana okudlala phezulu ubuye usinqake
- Ukuphonsa bese ushaya ibhola lisesemoyeni ngababili.

**Isigqi**

- Ukweqa intambo ebanjwe abantu ababili
- Ingqathu

**Ukuxhumana**

- Ukuphonsela omunye amasakana okudlala
- Ukuphonsa ibhola komunye omi emva kwakho

**Ukuzimelela**

- Sebenzani ngababili nibhekene nihlezi phansi nelule imilenze nithintane ngezinyawo, nibambane ngezandla, nidonsane nidudulane
- Bayasukuma bephindelela besebenzisa izandla ukududulana nokudonsana ngaphandle kokunyakazisa izinyawo
- Ukubeka amasakana okudlala kumalunga athile omzimba bezimelela ukuze amasakana angawi ngesikhathi behamba
- Imidlalo yokuzimelela, neyokuxhumana kwezicubu zomzimba

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Luleka uphinde ugoqane - luleka ube mude uphinde ufinyele ngendlela eyamukelekile

**Ukwazi esokudla nesokunxele**

- Yethula imidlalo eyenziwa ngohlangothi ongajwale ukulisebenzisa

| Ithemu 2 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Amabhola, izitsha neziduku zokugxumeka, izindilingi |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yesi - 2. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Imisebenzi eyenziwa samdlalo njengokuthi " landela umholi"
- Ukugijima ninikezana ithuba niphethe induku/okuthile noma ngaphethe lutho
- Ukugijima ninikezana ithuba ningaphethe lutho
- Ukunyakazela isimo esithile, njenokushaya isikhakela sedolo, ukubamba ibhola ngaphambi kokuthi libanjwe omunye njll.

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Amakhono ebhola - gqoma ibhola ube uviliyela uya endaweni obekelwe yona
- Amakhono ebhola - gqoma ibhola obondeni / edongeni
- Amakhono ebhola - gqoma a ibhola uzungeze izithiyi

**Isigqi**

- Yeqa usebenzise intambo ubuye weqe ngaphandle kokusebenzisa intambo weqe endaweni ebekiwe
- Landela isigqi somculo noma izigubhu, unyakazise amalunga zomzimba

**Ukuxhumana**

- Sebenzani ngababili - omunye agingqe ibhola omunye alikhahlele ngaphambi kokuthi lime
- Phonsa ibhola elikhulu lapho kundawo emiselwe, isib. Amapali noma izigxobo zebhola lesandla.
- Imidlalo yokulingisa, isib. Ukukha ama-apula, ukumba umgodi njll.

**Ukuzimelela**

- Dlalaini ngababili umdlalo wokulwa kwamadada noma kwamaqhude
- Dlala imidlalo elula njengokuthi "ima/mana"
- isikotshi

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Umdlalo wokuzungeza 'ikati negundane'
- Umdlalo osebenzisa izithiyo

**Ukwazi esokudla nesokunxele**

- Ngababili bambani ibhola ngesandla esingenamadla
- Ngababili khahlelani ibhola ngonyawo olungenamandla

**Ezemidlalo nemidlalo**

- Imidlalo embandakanya ukudonsana, ukugxuma, njll.
- Umdlalo wempungushe nempisi

| Ithemu 3 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Amabhola, izitsha neziduku zokugxumeka, izindilingi |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yesi - 3. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Umdlalo wezithiyo ngamasakana okudlala zibekwe esandleni, emahlombe, onyaweni nasekhanda
- Ukwenza ngokwemiyalelo kathisha, gijima, gxuma nokunye

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Ukudlala ngokukhululeka ukubona izindlela zokusebenzisa amasakana okudlala
- Imidlalo yokuqonda elandela amaphethini - ukubeka izinto ngendlela ezilandelana ngayo, njengokuthi: ukugijima ube ubeka izinto ezimaka lapho uqonde khona usebenzisa indlela okuyiyo.
- Ukunqaka nokuphonsa ibhola lomphebezo

**Isigqi**

- Ukujikajika kujangijimu
- Ukulenga/ukubambelela entweni njengomjikelo ujikele

**Ukuxhumana**

- Ukwakhiwa kwendilinga nigijime niye phambili nasemuva
- Ukulenga entweni/kijangijimu uhambe ngezandla

**Ukuzimelela**

- Zimelela ngonyawo olulodwa
- Zimelelela uhambe entanjeni, kuzizimeleli, emapulangweni
- Umdlalo wokuzimelela njengokugibela ikalishi
- Ukujikelezisa izingalo njengehula huphu

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Yethula ukugingqika uye phambili nasemuva ugcizelele ukuphepha
- Impisi nezinyane
- Gaqa uphume emhubheni, okusho ukuthi uphuma ngaphansi kwesitulo, kumathaya kanye nemihubhe

**Ukwazi esokudla nesokunxele**

- Phonsa ibhola ngendlela ezungelezayo liye emuva naphambili
- Phonsa ibhola liye ngapha nangapha, kwesokudla/kesokunxele unyakaze ngeqolo kuphela

**Ezemidlalo nemidlalo**

- Hlukanisa abafundi babe ngamaqoqo bese bedlala umdlalo wokunikezana induku
- Imidlalo yesintu ekhethwe abafundi

| Ithemu 4 Ibanga 2 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**<br>Izingqathu, izimpempe, omata, amabhakede amanzi, izinto zo-kudlala ikhilikithi |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yesi - 4. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Ukugxuma kuyaphezulu; ukuhamba ngamagxathu amakhulu, ukuhamba ngamagxathu asondelelene; ukweqa, ukukheleza
- Ukugijima - ngejubane eliphezulu (unyazi)
- Ukugijima - ukunikezana induku

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Amakhadi anamagama ahambisana nomnyakazo othile - gxuma, gijima, yeqa,gxumagxuma, hlala, sukuma
- Imidlalo yemiphebezo nekhilikithi

**Isigqi**

- Gibela wehle wenyuke izitebhisi noma izikhathi eziyi - 10
- Ukubhukuda, ukuzilolongela ukuphefumula kusetshenziswa amabhakede anamanzi

**Ukuxhumana**

- Ukuzilolongela ukubhukuda - lala ngomhlane ukhahlele ngezinyawo,lala ngesisu, khahlela unyakazise izingalo wenze sengathi uyabhukda

**Ukuzimelela**

- Imidlalo yokugijima - umdlalo wokuzilolongela ukweqa umgama omude
- Imidlalo yokugijima - umdlalo wokuzilungiselela wokugxuma okuphakeme/uye phezulu

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Ukulandela izinkomba isb isib. hamba izinyathelo eziyi-6 uye phambili,izinyathelo eziyi-10 uye emuva kanye nezintathu uya ngakwesokunxele. Hamba uye emaceleni uhamba ngokuphambanisa imilenze. Gxumagxuma izikhathi eziyi-6 ngomlenze owodwa kanye nezikhathi eziyi-9 komunye umlenze.
- Ukweqa uzungeze indawo yokudlala ngayedwa noma ngababili

**Ukwazi esokudla nesokunxele**

- Ukuzelula, uye phezulu nasemaceleni

**Ezemidlalo**

- Dlala izinhlobo zemidlalo ezehlukene
- Ikhilikithi
- Imidlalo yokubhukuda - imidlalo yokuphefumulo ukuphefumula
- Abafundi bafaka ubuso babo emanzini babuye babhubhudle

| Ithemu 1 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlalakahle** | **Amahora angama-30**<br>(Amahora ama-3/ ngesonto) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ukwengezela ezinsizeni ezisetshenziswa esifundweni sAmakhono eMpilo ezejwayelekile uzodinga:<br>• Izithombe, izingxoxo, ifanamsindo yemizwa imifanekisobantu nezifihlabuso<br>• Izinto ezimbalwa zosizo lokuqala |

**Sebenzisa ikhalenda nsukuzonke ukuxoxa ngosuku nenyanga kuze kuphele unyaka**

**Ukubukeza, ukuhlola kanye nokwazisa abafundi ngomsebenzi wabo kumele kwenziwe njalo. (Indlela okwehlukaniswe ngayo isikhathi iyakuvumela lokhu.)**

**Imicimbi kanye nezinsuku ezikhethekile ezigujwa umphakathini kumele zixoxwe ngokwenzeka kwazo ngokuqhubeka kwethemu. (Amahora amathathu abekelwe ukwenza lokhu ngethemu)**

**Isihloko: Okumayelana Nami - 6 amahora**

- Yiziphi zigaba zempilo?
- Izigaba ngempilo yami - kufaka usuku lokuzalwa, ukungena esikoleni, nokungenani okukodwa okungijabulisayo okwenzekile empilweni yami.
- Into eyodwa engike ngaba nayo engijabulisile

**Isihloko: Imizwa - 6 amahora**

- Izinto ezingithokozisayo kanye nezingidumazayo
- Ukukwazi ukuzwa imizwa yami - njengentukuthelo, ukwesaba, ukukhathazeka, isizungu
- Izindlela ezinhle zokukhombisa imizwa yami
- Ukuxolisa - izindlela zokuxolisa

Qaphela: Sebenzisa izithombe, izingxoxo,, imilolozelo, amaphaphethi kanye nemaski

**Isihloko: Ukuvikeleka Ngokwezempilo - 3 amahora**

- Ukusebenzisa izindlela zosizo lokuqala eziyisisekelo ezimeni ezifana nokuphuma komongoziyae, ukulunywa yisilwane, ukusikeka nokusha
- Izinto eziyisisekelo zempilo nenhlanzeko - njengokuthinta igazi lomunye umuntu

**Isihloko: Ukugcina umzimba wami uphephile - 6 amahora**

- Asiphephile kubona bonke abantu
- Imithetho yokugcina umzimba wami uphephile
- Ukwethemba imizwa yami ethi “Yebo/Cha”
- Ungasho kanjani ukuthi CHA kunoma yiluphi uhlobo lokuhlukunyezwa
- Ukubika kanjani ukuhlukunyezwa

Qaphela: Lesi sihloko kumele sigxile ekuvimbeni ukuhlukunyezwa ngokocansi nangokomzimba

**Isihloko Amalungelo kanye nokulindeke kimi - 6 amahora**

- Amalungelo abafundi nokulindeleke kubo
- Amalungelo nokulindeleke kwabanye
  - **Ekhaya**
  - **Esikoleni**
  - **Emphakathini yethu**
  - **Emvelweni**

**Izinsuku zezenkolo kanye nezeminye imigubho - 3 amahora**

| Ithemu 2 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlalakahle** | **Amahora angama-30**<br>(Amahora ama-3/ ngesonto) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ukwengezela ezinsizeni okujwayeleke ukuthi zisetshenziswe esifundweni sAmakhono eMpilo ezejwayelekile uzodinga:<br>• Izibonelo zokudla okunhlobonhlobo<br>• Umtapowolwazi/izincwadi ezinolwazi<br>• Izibonelo zezinhlobo ezahlukene zezinto ezilungele ukulahlwa<br>• Imigqomo okufakwa kuyo izinto ezilahlwayo kodwa ezizoguqulwa zisetshenziswe futhi.<br>• Izikhulisi zinto/ amagilasi okubuka into ibukeke inkulu |

**Ukubukeza, ukuhlola kanye nokwazisa abafundi ngomsebenzi wabo kumele kwenziwe njalo nje. (Indlela okwehlukaniswe ngayo isikhathi iyakuvumela lokhu.)**

**Imicimbi kanye nezinsuku ezikhethekile ezigujwa umphakathini kumele zixoxwe ngokwenzeka kwazo ngokuqhubeka kwethemu. (Amahora amathathu abekelwe ukwenza lokhu ngethemu)**

**Isihloko: Ukudla ngokuyimpilo - 6 amahora**

- Izinhlobo zezigaba zokudla
  - Amavithamini - Izithelo nemifino
  - Amakhabhohayidrethi - isinkwa, ummbila/impuphu
  - Amaprotheni - amaqanda, amabhontshisi, inyama, amantongomani/
  - Umkhiqizo wobisi - ubisi, ushizi
- Ukudla okunazo zonke izakhamzimba

**Isihloko: Izinambuzane - 9 amahora**

- Izimpawu zezinambuzane
- Izinambuzane ezahlukene - njengempukane, umiyane, intuthwane, ibhungane
- ukubuka kanye nokudweba isinambuzane
- Zisisiza kanjani izinambuzane?
- Zisilimaza kanjani ezinye izinambuzane?

**Isihloko: izigaba zempilo - 6 amahora**

- Ziyini izigaba zempilo?
- Izigaba zempilo::
  - Izilwane ezincelisayo (isb. Inja)
  - Izinambuzane (isb. Uvemvane)
  - Izilwane ezihlala ezweni nasemanzini - (isb. Ixoxo)
  - Izinyoni - (isb. Inkukhu)

**Isihloko: Ukusetshenziswa kabusha kwezinto - 6 amahora**

- Kwenzekani ezintweni esesizilahlwa?
- Ukubuye ukusebenzise (izinto ongabuye uzisebenzise)
- Ukwenza izinto ezintsha usebenzisa osekusebenzile
- Ukonga
- Ongeke usakwazi ukuphinde ukusebenzise Ukusebenzisa izinto esezisebenzile ekhaya nasesikoleni
- Ukwenza imvundiso ngezinto ezibolayo
- Ukuphinda usebenzise amanzi.

**Izinsuku zezenkolo kanye nezeminye imigubho - 3 amahora**

<table>
<tr><th colspan="3">Ithemu 3 Ibanga 3</th></tr>
<tr><td>Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlalakahle</td><td>Amahora angama-30<br>(Amahora ama-3/ ngesonto)</td><td>Izinsiza ezinconyiwe<br>Ukwengezela ezinsizeni okujwayeleke ukuthi zisetshenziswe esifundweni sAmakhono eMpilo uzodinga:<br>• Izithombe zamaplanethi - kubandakanya nesomhlaba<br>• Izingxoxo ngokuhamba emkhathini kanye nocwaningo<br>• Izimpawu zezingozi<br>• Abantu asebekhulile emindenini nasemphakathini</td></tr>
<tr><td colspan="3">Ukubukeza, ukuhlola kanye nokwazisa abafundi ngomsebenzi wabo kumele kwenziwe njalo nje. (Indlela okwehlukaniswe ngayo isikhathi iyakuvumela lokhu.)<br>Imicimbi kanye nezinsuku ezikhethekile ezigujwa umphakathini kumele zixoxwe ngokwenzeka kwazo ngokuqhubeka kwethemu. (Amahora amathathu abekelwe ukwenza lokhu ngethemu)<br>Isihloko: Ukuphepha emphakathini 6 amahora<br>Izindawo eziyingozi ukudlala kuzo - njenge: zindawo okulahlwa kuzo izibi/imfucuza, imizila yesitimela, emigwaqeni, izindawo okwakhiwayo kuzo<br>• Ukugibela izitimela namatekisi ngokuphepha/ngendlela efanele<br>• Uzingozi zikagesi<br>• Izinto eziwushevu nezivutha kalula<br>• Izimpawu ezisixwayisa ngengozi<br>Isihloko: Ukungcola - 6 amahora<br>• Kuyini ukungcola<br>• Izinhlobo ezahlukene zokungcola - kwamanzi, komhlaba, komoya, komsindo<br>• Imithelela yokungcola kubantu<br>• Imithelela yokungcola kwendawo<br>Qaphela: bheka indawo bese niyayihlanza Lokhu kuyoba yisiqalo sokuzejwayeza umsebenzi wokufunda ngaphandle kwesikole<br>Isihloko: Abantu babephila kanjani emandulo - 6 amahora<br>• Izindaba nolwazi esiluthola kumalunga omndeni amadala namalunga omphakathi - njengoku: -dla, izimpahla zokugqoka kanye nezokuthutha<br>• Izinto ezazisetshenziswa ngamalunga amadala emndenini nasemphakathini - ezifana nezinto zokusebenza, izinto zokudlala (amathoyizi), izinto zokupheka.<br>• Ukukhethwa kwezithombe ezindala emabhukwini okugcina izithombe zomndeni kanye nezincwadi<br>• Abantu babephila kanjani kudala kanye namanje (ushintsho ngokuqhubeka)<br>Qaphela: Mema abantu abadala namalunga omphakathi ukuthi anivakashele ekilasini<br>Isihloko: Emkhathini - 6 amahora<br>• Ukubuka umhlaba usemkhathini - ubukeka kanjani (uwumhlaba/uyizwe, uwulwandle, ungamafu)<br>• Izinkanyezi namaplanethi - ayini?<br>• Amagama amaplanethi<br>• Ukuhamba emkhathini<br>• Isathelayithi nolwazi esilutholayo<br>Qaphela: Uma kwenzeka, ningavakashela izindawo lapho ziboniswa khona lezi zinto ezitholakala emkhathini.<br>Izinsuku zezenkolo kanye nezeminye imigubho - 3 amahora</td></tr>
</table>

| Ithemu 4 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Ukuqala kolwazi noBuyena neNhlalakahle** | **amahora anga-30**<br>(Amahora ama-3/ ngesonto) | **Izinsiza ezinconyiwe**<br>Ukwengezela ezinsizeni okujwayeleke ukuthi zisetshenziswe esifundweni sAmakhono eMpilo uzodinga:<br>• Amashadi ozokhombisa ngawo okwenzekayo<br>• Ulwazi/izincwadi zasemtatsheni wolwazi nezithombe<br>• Amaphephandaba nemibiko yethelevishini ngezinhlekelele.<br>• Izingxoxo ngezilwane ezisiza abantu |

**Ukubukeza, ukuhlola kanye nokwazisa abafundi ngomsebenzi wabo kumele kwenziwe njalo nje. (Indlela okwehlukaniswe ngayo isikhathi iyakuvumela lokhu.)**

**Imicimbi kanye nezinsuku ezikhethekile ezigujwa umphakathini kumele zixoxwe ngokwenzeka kwazo ngokuqhubeka kwethemu. (Amahora amathathu abekelwe ukwenza lokhu ngethemu)**

**Isihloko: Imikhiqizo nokwenziwa kwayo - 6 amahora**

- Izitshalo
  - **Esikuthola ezitshalweni**
  - **Ukwenziwa - kusukela kumoba kuyoba ushukela**
- Umhlaba
- Esikuthola emhlabeni
- Ukwenziwa - kusukela kuwubumba kuya ezitinini

**Isihloko: Izinhlekelele nokumele sikwenze - 9 amahora**

- Izinhlobo zezinhlekelele
- Izikhukhula
- Umlilo
- Ezinye izehlakalo
- Umbani
- Ukuzamazama komhlaba
- Izikhukhula nezivunguvungu

Qaphela: thola imibiko yezinhlekelele ngokubukela umabonakude, ufunde amaphephandaba usebenzise nolwazi lwakho

**Isihloko: Izilwane ezisisizayo - 9 amahora**

- Izilwane ezisinika ukudla kanye/noma okokugqoka
- Izinyosi
- Izinkukhu
- Izinkomo
- Izimvu
- Izilwane ezisisebenzelayo
- Izinja - ezikhombisa indlela, izinja eziqaphayo, izinja eziqeqeshelwe ukuhogela
- Izimbongolo namahhashi

Qaphela: Thola bese ufunda izindaba ngezinye izilwane, njengohlobo lwenhlanzi oluyihlengethwa, nezinye izilwane esezike zasiza abantu.

**Izinsuku zezenkolo kanye nezeminye imigubho - amahora ama-3**

**Ukuhlanganiswa kwezihloko esezifundiwe nokulungiselela ukwedlulela ebangeni lesi-4 amahora ama-3**

| Ithemu 1 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Ubuciko bokusungula** | **Amahora angama-20** | **Izinsiza ezinconyiwe** |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yoku - 1 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esjwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

**Ubuciko bokusungula 10 amahora**

**Imidlalo namakhono okuzenzela**

- Fudumeza umzimba: ukusebenzisana kwamalunga omzimba njengokujikelezisa izandla
- Fudumeza umzimba: ngokugxila ekuphefumuleni: ukuphefumulela phezulu, hefuzela njengenja, njll.
- Ukufudumeza iphimbo nokucula amaculo kanyekanye, nangokucula amaculo ngamaqembu nimukezelana.
- Imidlalo yaseshashalazini: ukuthuthukisa ukubambisana kwamaqembu ngemidlalo yokubala neyokuqagelisa amagama nokunye .
- Ukudlala imidlalo enesigqi esinamaphethini ahlukene usebenzisa izinsimbi ukwenza lowomsindo
- Ukunyakazisa umzimba: eqa uya phambili, emuva emaceleni bese ujika ngezindlela ezahlukene (uvundle, wenze indilinga, wenze isimo sika-S, nangezinye izindlela.)
- Ukunyakazisa umzimba umi ndawonye: ukugoba, ukuphakama, ukwelula izandla, izingalo nemilenze kuhambisane nomculo.
- Ukupholisa umzimba kanye nokuwuphumuza: khombisa isimo okuso kanye nemicabango ngokunyakaza

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Lalela umculo waseNingizimu Afrika (owendabuko noma waseNtshonalanga) ugxile kusigqi sawo nomgqumo wawo ka-2, 3 noma ka-4.
- Yenza amaphethini anesigqi: (amanothi noma amagama angamanothi esiFrentshi noma imidwebo ewumculo) esifaka izindlela zokucula usebenzisa isigqi osithola ngokushaya umzimba
- Lingisa okunesiqalo, indikimba nasekugcineni usebenzisa okuthile okugqugquzelayo isib. Inkondlo ngeNingizimu Africa, indaba, iculo noma isithombe.
- Ukwenza njengomlingiswa nezinto ezisemdlalweni wokulingisa usebenzisa ukubuka, ukulingisa nehaba
- Funda uhlanganise iminyakazo yomdanso waseNingizimu Afrika njengomdanso wabaseNdiya, isipansula nokunye usebenzisa umculo ofanele.

**Ubuciko bokubonakalayoUkwenza okunhlangothimbili (2D)**

- Ukufundiswa kokudweba nokupenda okuhlelekile usebenzisa izindlela ezahlukene zokuxhumana.
- Ukwethula ukwedlulana: ngaphambili noma ngemuva
- Izinhlobo ezahlukene zobungako nokuma kwamaphepha: gqugquzela ukusebenza ngamazinga nangezindlela ezahlukene ukuhlobisa

**Ukwenza onhlangothintathu (3D)**

- Ukwakha ngobumba: izilwane, amabhodwe okuhlobisa nokuhlobisa
- Izakhi zobuciko: isimo ukucoliseka noma ubuhhadlahhadla bento
- Fundisa amasu olula okwakha izinto: ukwendlala, ukubumba; kufaka nokulungisa ubuso bento
- Ukusetshenziswa kwamathulusi: ukuphepha,ukubhekelela abanye, ukwahlukaniselana izinto zokusebenza

**Ukufunda ngobuciko bezinto ezibonakalayo**

- Izakhi zobuciko**:**bona bese usho zonke izakhi zobuciko
- Sebenzisa imisebenzi yezandla kanye nalokho okugqugquzela izinto eziwubuciko bokubonakalayo ukuxhumanise nomsebenzi wakho

| Ithemu 2 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Ubuciko bokusungula** | **Amahora angama - 20** | **Izinsiza ezinconywayo** |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yesi - 2 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esjwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

**Ubuciko bokusungula 10 amahora**

**Imidlalo namaKhono okuzenzela**

- Fudumeza umzimba: bheka indlela yokuma, Yima unganyakazi, amadolo agobe aqondane nezinzwane uma ugoba nalapho ukhomba izinyawo
- Fudumeza umzimba: gxila kundlela yokuphimisa kanye nokusebenzisa iphimbo lapho usho imilolozelo, ucula amaculo, udlala imidlalo nalapho usho ngokulandelana amagama anemisindo efanayo
- Ukufunda ngezinzwa: zokuthinta, zokunambitha, zokuhogela, zokuzwa kanye nezokubona emidlalweni yokulingisa njengemidlalo yokumboza amehlo kanye naleyo yokudlulisa imiyalezo nokunye
- Imidlalo enesigqi: amakhono okulalela, ukukhumbula amaphethini anezigqi ezahlukene
- Ukuthuthukisa ukulawula, ukuxhumana, ukuzimelela kanye nokuphakama lapho wenza imidlalo yokugxuma ubuye uhlale kahle
- Ukunyakazisa umzimba usuke uye kwenye indawo kanye nokunyakazisa umzimba umi ndawonye ngokuhambisana kwezingalo ngesikhathi somculo.
- Ukupholisa umzimba nokuwuphumuza: Ulala phansi ngomhlane udonse ubuye ukhiphe umoya usebenzisa imibala ehlukene ngokomqondo ukumgqugquzela.

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha** (kumele kwenziwe ithemu yonke)

- Humusha bese ucula amaculo aseNingizimu Afrika uzilolonga:
- Dlala imidlalo yokulingisa ngamaqembu nisebenzisa indaba eniyaziyo esuselwa ezihlokweni ezifanele, ukuze bakwazi ukwenza esabo isiphetho sendaba. .
- Imidlalo yokulingisa yasekilasini: khombisa imizwa usebenzisa izihloko ezithathelwe kwezemvelo nasempilweni yakho njengokuqoqa izibi endaweni yangakini, nokunye.
- Ukuxoxa indaba ngokunyakaza emaqenjini ekhombisa isiqalo, indikimba nesiphetho..

**Ubuciko bokubonakalayo 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili (2D)**

- Ukufundiswa kokudweba nokupenda okuhlelekile usebenzisa izindlela ezahlukene zokuxhumana
- Ukwenza okufanayo nokwethemu eyedlule; ugcizelele ekwazini ukunyakazisa umzimba, ukwedlulanisa

**Ukwenza okunhlangothintathu (3D)**

- Ukuqopha okusabhokisi: Fundisa bese uqhubezela amasu alula okwakha ukuze uqophe okusabhokisi: ukulakanyisa, ukuxhumanisa, ukuhlobisa
- Ulwazi lokusebenzisa indawo: qhuba ulwazi lokusebenza endaweni

**Ukufunda ngobuciko bezinto ezibonakalayo**

- Ukusetshenziswa kwezakhi zobuciko nemigomo yokwakha ekuchazeni nasekuxoxeni;
- Sebenzisa imisebenzi yezandla kanye nalokho okugqugquzela izinto eziwubuciko bokubonakalayo ukuxhumanise nomsebenzi wakho
- Ukuchaza umsebenzi wakho wezandla: sebenzisa ulwazi magama lobuciko ngendlela

| Ithemu 3 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Ubuciko bokusungula** | **amahora angama - 20** | **Izinsiza ezingasetshenziswa** |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yoku - 3 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esjwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

**Ubuciko obubonakalayo 10 amahora**

**Imidlalo namakhono okuzenzela**

- Fudumeza umzimba: hlanganisa amalunga omzimba, isib. Yenza izikokela ngezihlakala nokhalo kanyekanye
- Fudumeza iphimbo: gxila ekusebenziseni iphimbo ngendlela efanele lapho usho inkondlo,umlolozelo kanye nasemidlalweni yokulingisa enizakhele yona
- Amakhono okubuka nokubhekisia: imisebenzi yokulingisa njengokukhuluma buthule ngababili njll.
- Ukwenza isigqi ngokushaya umzimba noma izinsimbi ukwelekelela umculo waseNingizimu Afrika (oqoshiwe noma oculwa bukhoma).
- Ukuxhuma iminyakazo ukwenza indaba futhi uyikhumbule Ukugijima okuhlanganisa ukunyakaza uphenduka ngokushesha .
- Ukugijima okuhlangane neminyakazo yokuzungeza
- Ukupholisa umzimba nokuwuphumuza: ngokwelula kancane umzimba uye emaceleni ahlukene uhambisane nomculo ophansi opholile. .

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha** (kumele kwenziwe ithemu yonke)

- Akha indaba ngokunyakaza emaqenjini bese uyisebenzisa ukwenza amaphethini
- Qamba amaphethini anesigqi esiphindayo okususelwa kumculo wasNingizimu Afrika. Gxila kusivinini esikhethiwe. .
- Imidlalo yokulingisa yasekilasini: khombisa abalingiswa abehlukene ngokusebenzisa iphimbo nangokwenza isi. Ukunyakaza ukhulume njengomama, njengomkhulu, njengodokotela. .
- Ukuhaya izinkondlo ngamaqoqo isb. Indima eniyiphindaphindayo ihambisane neminyakazo futhi nikhombisa nangezimpawu.

**Ubuciko bokubonakalayo 10 amahora**

**Ukwenza okunhlangothimbili (2D)**

- Ukudweba nokupenda: Ulandela izindlela eziningi usebenzisa izindlela ezahlukene zokuxhumana
- Andisa ukubona nokuhumusha amaphethini nokwakha izithombe emhlabeni wakho wedwa: kufaka ukwedlulana, amaphethini okuphetha, isimo esiphakathi, ukuphindaphinda
- Imigomo yokwatha: ukwenza ngokwazi nokusho ukuphambana, ukulingana, ukugcizelela nokulinganisa
- Fundisa iphethini nokwakha izithombe ngezinto ezitholakele ngezindlela ezahlukene zokuxhumana ngolwazi lwemizwa nokunyakaza.

**Ukwenza okunhlangothintathu (3D) (ukwakha)**

- Umsebenzi wezandla owenziwe ngezinto ezike zasebenza: uhlaka olungamaphethini lomsebenzi wakhe wobuciko, izitsha ezisetshenziswa ekilasini nokunye
- Izakhi zobuciko: ukusho nokusebenzisa izimo ezisazibalomdwebo kanye nezimo zezitshalo zemvelo.
- Ukugcizelela kumaphethini nemihlobiso yasebusweni bezakhiwo ezenziwe ngesandla

**Ukufunda ngobuciko bezinto ezibonakalayo**

- Ukwandisa ulwazi lwamaphethini nokwakha izithombe eAfrika, isib. Ukupenda ngokwesiNdebele, imisebenzi yobuhlalo, amathayili aphansi ahlotshisiwe, ukubuka, ukukhuluma, ukulalela ngamaphethini.

| Ithemu yesi-4 Ibanga lesi-3 | | |
|---|---|---|
| **Ubuciko bokusungula** | **Amahora angama-20** | **Izinsiza ezingasetshenziswa** |

Okuqukethwe okulandelayo kumele kwenziwe ngesikhathi kuqhubeka ithemu yesi- 4 yonyaka. Khetha isihloko esilungele isifundo sAmakhono Empilo ngethemu ukusebenzisa isimo esjwayelekile ezifundweni zoBuciko bokusungula kanye noBuciko bokubonakalayo.

**Ubuciko bokwenza 10 amahora**

**Imidlalo namaKhono okuzenzela**

- Imidlalo efudumeza umzimba: ukweluleka nokugoqana komgogodla
- Imidlalo yokulingisa yokuzenzela: thuthukisa ulwazi lokubhekana nento eyodwa ngesikhathi nokwakha isithombe emqondweni, isib. Ukwenza sengathi uphosa ibhola ube ubheke ubungako, ubukhulu nesimo.
- Ulandela izinto ezikugqugquzelayo njengezithombe, imishwana, izisho, imidlalo yokulingisa, izinkondlo noma imilolozelo ukubheka inkulumo evezwa wukunyakaza komzimba nesimo sobuso.
- Ukunyakazisa umzimba usuke uye kwenye indawo: khombisa ukukwazi ukulawula umzimba nokuba nomgogodla oqinile,isb. uhamba ngokuziqhenya, ukuviliyela njengesotsha nokunye
- Ukupholisa umzimba nokuwuphumuza: lala ngomhlane uqinise zonke izicubu zomzimba, fingqa isibhakela,, uhlanganise amahlombe, bese uthambisa zonke izicubu zomzimba, udedeleke umzimba phansi, njll.

**Ukusebenzisa onakho nokuhumusha**

- Lalela umculo waseNingizimu Afrika: gxila kusivinini, ukwehlukahlukana okwenza imisindo ehlukene. .
- Lalela bese ukhetha izinsimbi zaseNingizimu Afrika ezisemqoka, bheka umehluko okhona kulezizinsimbi.
- Ukwakha isimo okuso: sebenzisa ukukhuluma okwahlukene, imisindo etshengisayo kanye nokunyakaza, sebenzisa izinkondlo, isithombe noma iculo.
- Akha ukunyakaza okuvela ezithombeni, akha indaba ngokunyakaza, ukhombise isiqalo, indikimba isiphetho. .

**Ubuciko bokubonakalayo 10 amahora**

**Ukwakha okunhlangothimbili (2D)**

- Ukudweba nokupenda: Ulandela izindlela eziningi usebenzisa izindlela ezahlukene zokuxhumana
- Ukudweba ngokwedlulana, ukunyakaza komzimba, ukwenza abantu abangaphezulu kwababili

**Ukwakha okunhlangothintathu (3D)**

- Fundisa amasu okwakha usebenzisa inhlama yamaphepha: akha izinto ngokunamathisela, ukusika, ukudabula, ukucolisisa.
- Izakhi zobuciko: isimo ukucoliseka noma ubuhhadlahhadla bento
- Imigomo yokwatha: ukwenza ngokwazi nokusho ukuphambana, ukulingana, ukugcizelela nokulinganisa
- Ulwazi lokusebenzisa indawo: qhuba ulwazi lokusebenza endaweni

**Ukufunda ngobuciko bezinto ezibonakalayo**

- Izakhi zobuciko: bona usho zonke izakhi zobuciko
- Imigomo yokwakha: ukwenza ngokwazi nokusho ukuphambana, ukulingana, ukugcizelela nokulinganisa
- Imibuzo ejulile yokubuka izakhi nemigomo yokwakha

| Ithemu 1 Ibanga3 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo Sokuvocavoca umzimba** | **Amahora angama-20** | **Izinsiza ezingasetshenziswa**<br>Ukwengezela ezinsizeni okujwayeleke ukuthi zisetshenziswe esifundweni samakhono eMpilo uzodinga:<br>Izikhafu zokuncintisana ngokugijima ngemilenze emithathu.<br>Amabhola, amabhethi ekhilikithi kanye neziphunzi, amabhethi okudlala ithenisi, izintambo.<br>Inkundla enotshani obusikiwe |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yoku - 1. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Ibhala, umncintiswano wokugijima ngemilenze emithathu.
- Umdlalo wekhilikithi wabancane: ukugijima phakathi kwamawikhethi.
- Ezokugijima: Ukugijima ngesivinini esiphezulu.

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- **Izinto zokudlala**
- Uyahamba, uphose ibhola omoyeni, ugqome phansi usebenzisa amacala womabili ngerekhethi NgababiliNgababili, shaya ibhola usebenzisa intende yesandla (volley)
- Ngababili shaya ibhola usebenzisa inqindi.

**Isigqi**

- Ezokugijima: Indlela yokusuka uma kugijinywa ngesivinini esikhulu/ibanga elifushane (Yiba sechashazeni lakho… lindela…. hamba/suka!).
- Ezokugijima: Ukugxuma ibanga elide ukhombisa lapho kungafanele kuthinte khona izinyawo.
- Ezokugijima: Ukugxuma uye phezulu ukhombisa lapho kufanele usukele khona

**Ukuxhumana**

- Ezokugijima: Phonsa ibhola lethenisi/lomphebezo
- Ukuxhumana kwesandla namehlo: gqoma ibhola lethenisi usebenzisa isethi yokudlala ithenisi: emoyeni, phansi ube uhamba.

**Ukuzimelela** .

- Ibhola lomphebezo labancane: ukugijima, ukubamba ibhola ngesiphongo, ukubamba ibhola ngengemuva lesandla, nokuphosa ibhola levoli ngaphezu kwenethi.
- Ikhilikithi: ukushaya ibhola ngenduku yekhilikithi.

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Ukushintsha izindlela
- Ukuchusha inkundla enezithiyo kufaka ukududula, ukudonsa, ukungqengqa, ukushintsha izindlela

**Uhlangothi lwangakwesokudla nesokunxele**

- Khahlela ibhola eliginqikayo ngonyawo lwesobunxele nesokudla

**Ezemidlalo**

- Ezokugijima: umdlalo wokugijima wokunikezelana ngenduku
- Ithenisi yabancane
- Ikhilikithi yabancane

| Ithemu ye-2 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **Amahora angama-20** | **Izinsiza ezingasetshenziswa**<br>Ukwengezela ezinsizeni okujwayeleke ukuthi zisetshenziswe esifundweni sAmakhono eMpilo uzodinga:<br>Izinto zokudlala iskittes, amabhola, izinduku zehokhi, izintambo zengqathu |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka ye - 2. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Imidlalo yokulingisa njengokugijima njengehhashi, ukuhamba njengedada, ukugxumisa okwexoxo nokunye**.**

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Nqaka/phosa phezulu.

**Isigqi**

- Dlala ingqathu ngabathathu .
- Dlala ingqathu nidedelana
- Dlala ingqathu nime umugqa nigijima nidedelana.

**Ukuxhumana**

- Isiteshi sokuqala: Ibhola lezandla - gqoma ibhola phansi ulandela izikhala eziphakathi kwabadlali.
- Isiteshi sesibili: Ibhola eliqhutshwa ngenduku- qhuba ibhola ngenduku ugweme abantu.
- Isiteshi sesithathu: Ibhola lomnqakiswano- phonselanani ibhola nigijima niphuma ezikhaleni.
- Isiteshi sesine: Ibhola lombhoxo-nigijima niphonselana ibhola.
- Isiteshi sesihlanu: Ibhola likanobhutshuzwayo- khahlela ibhola ngezinyawo ulandela izikhala phakathi kwabadlali.

**Ukuzimelela**

- Ukugijima phakathi kwezithiyo .
- Ukuzimelela ngomlenze owodwa .
- Ukuzivocavoca: Ukuma ngekhanda nangezandla
- Ukuthinta ngezandla nangezindololwane phansi umzimba untante emoyeni ube yisicaba kuhle kwebhriji.

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Ukugijima endleleni enezithiyo ezining ezahlukene

**Uhlangothi lwangakwesokudla nesokunxele**

- Dlala imidlalo ezokhombisa isandla esinamandla njengokuphosa ibhola, ukukhahlela, ukutshuntsha ubuhlalu .

**Ezemidlalo**

- Imidlalo yomdabu
- Unobhutshuzwayo,elombhoxo,elomnqakiswano nelezandla.

| Ithemu 3 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo sokuvocavoca umzimba** | **Amahora angama-20** | **Izinsiza ezingasetshenziswa**<br>Ukwengezela ezinsizeni okujwayeleke ukuthi zisetshenziswe esifundweni sAmakhono eMpilo uzodinga:<br>Amabhola, Izingqatho, izindwango zokubopha ukhalo, omata basejimini indawo enotshani, izinto zokubeka umaka |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yesi - 3. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Ukunyakazisa umzimba ngaphandle kokushwileka, ukugoba, ukugoqana, kwenziwa emaqenjini
- Ukuhamba ukheleza uphethe into esandlelni noma nibambene ngezandla nomunye .
- Ukugxuma umile: kanye/kabili Ukukheleza indawana uthwele okuthile futhi nibambene ngezandla nophathina wakho.
- Ukugxugeza: ulingisa unogwaja, insephe .

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Khahlela ibhola eligingqikayo ulise macala onke, uliqondise endaweni ethile noma komunye .
- Phonsa amabhola endaweni emakiwe, phosela omunye usebenzisa isandla esisodwa ubuye uphose ngezimbili, liphose liye phezulu kude

**Isigqi**

- Ukweqa ingqatho - uyeqa ngokusebenzisa umlenze owodwa ngesikhathi, uyeqe uphakamise imilenze yomibili kanyekanye.
- Ukuzivocavoca njengoku: gingqika uye phambili nasemuva

**Ukuxhumana**

- Imidlalo yevoli: ukuhambisana kwesandla namehlo, indlela okushaywa ngayo ibhola .
- Imidlalo edlalwa ngababili ugibele njengehhashi .

**Ukuzimelela**

- Sukuma uhambe ngamazonzwane nangezithende.
- Gaqa usebenzisa izandla namadolo
- Ukuhamba uzimelela uyephambili nasemuva.
- Ukugibela ijangijimu: uhambe uzimelela ngokukhululeka. Ukuzivocavoca: ukuzimelela ume ngekhanda, isandla, njll.

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Ukugijima endleleni enezithiyo okufaka ukugaqa, ukweqa nokuhlala kahle, ukugijima ngesivinini
- Imidlalo lapho udlala khona nabantu abathathu uwedwa
- Dlala imidlalo efana ne"kati negundane"

**Uhlangothi lwangakwesokudla nesokunxele**

- Imidlalo edlalwa ngababili
- Ugingqigongqo

**Ezemidlalo**

- Ibhola lezinyawo labancane
- Ibhola levoli
- Ikati negundane

| Ithemu ye-4 Ibanga 3 | | |
|---|---|---|
| **Isifundo Sokuvocavoca umzimba** | **Amahora angama - 20** | **Izinsiza ezingasetshenziswa** |

Okuqukethwe kuzofundwa yonke ingxenye yonyaka yesi - 4. Khetha izihloko zezifundo zamakhono ukuze unikeze okuqukethwe kulengxenye yonyaka zesifundo sokunyakazisa umzimba lapho kudingeka khona. Eminye imidlalo nezemidlalo edlalwa esikoleni ingafakwa. Wenze nemidlalo yabantu abanokukhubazeka

**Ukunyakazisa umzimba usuka uye kwenye indawo**

- Ukunyakaza kulandelwa imiyalelo ebonakalayo (izimpawu zezandla/ izimpawu zomzimba, izithombe) ukuhamba, ukugijima, ukugxuma, ukweqa, ukugibela nokunye. Izingane zihamba zibambene ngezandla. Ubukhulu bendilinga buyashiyana kanjalo nobuningi bezindilinga, bashintshe nendlela lapho indilinga ibheke ngakhona bachushe ezikhaleni bahambe bazungezane.

**Ulwazi lokunyakazisa umzimba**

- Ukulingisa izithunzi: omunye uyisithunzi somunye ngakho ulingisa konke ukunyakaza.
- IThenisi: Ingaphambili lesandla, ingemuva lesandla kanye nokushaya ibhola njengevoli.
- Ikhilikithi: Ukushaya ibhola, ukuphonsa ibhola uliqondise ngakumawikhethi, ukudlala ensimini nokugada amawikhethi.

**Isigqi**

- Ukulandelana kwesigqi ngokusebenzisa noma ngaphandle kokusebenzisa izinsimbi .

**Ukuxhumana**

- Ukuzivocavoca: Ukuginqika uye phambili nasemuva.
- Ukubhukuda: Ukubhukuda ude uvela ngaphezu kwamanzi, ukufaka umfutho wokuphakama emanzini, ukukhahlela nokugwedla kanye nokunyakaza kwengalo.

**Ukuzimelela**

- Ukuzimelela ngonyawo olulodwa noma ezimbili uthwele amasakana okudlala noma uthwale ekhanda uphathe ngezandla zombili .
- Ukuzivocavoca: Ukuma ngekhanda, izandla ukuma njengenkalankala.

**Ukuqonda indawo okuyo**

- Ukugijima endleleni enezithiyo okufaka ukugaqa, ukweqa nokuhlala kahle, ukugijima ngesivinini
- Ukubhukuda: ukuzilolonga okuletha ukuzethemba ukuze ungesabi amanzi i, njengokufaka amehlo nezindlebe emanzini, ukufunda ukuphefumula ngaphansi kwamanzi

**Uhlangothi lwangakwesokudla nesokunxele**

- Ukubhukuda: ukukhahlela ngemilenze yomibili owesinxele nowesokudla; ugwedle futhi ngezingalo zombili eyesokudla neyesinxele.

**Ezemidlalo**

- Imidlalo yamanziukuqhudelana ngokubhukuda .
- Ukugijima ngemilenze emithathu owodwa uboshelwe kuphathina.
- Umdlalo wokuxoshana
- Umdlalo weThenisi
- Ikhilikithi.yabancane

# INGXENYE YE - 4

## 4.1 ISINGENISO

Ukuhlola kuwuhlelo oluqhubekayo lokuthola, ukuqoqa nokuhumusha ulwazi mayelana nokusebenza kwabafundi,, ngokusebenzisa izindlela ezehlukene zokuhlola. Lokhu kwenzeka ngezinyathelo ezine; ukwakhanokuqoqa ubufakazi bemphumela, ukubhekisisa imiphumela; ; ukubhala okutholile usebenzise ukuqonda nolwazi ukulekelela abafundi ukuthuthukisa inqubo yofunda nokufundisa.

Ukuhlola makube okungahleliwe (ukuhlola ukufundisa) nokuhleliwe (ukuhlola ukufundisa). Kuzo zombili lezi zindlela zokuhlola, okuqoqiwe kumele abafundi baziswe ukuze bavuselele ulwazi lwabo lokufunda.

Kusifundo sAmakhono Empilo kumabanga aphansi, kugxilisa ukuhlola ngokubuka abafundi ngendlela ehleliwe neqhubekayo, ngesikhathi kwenziwa umsebenzi wansukuzonke, nemisebenzi eyakhiwe ngokwesimo nokudlala okukhululekile. Lokhu kusho ukuthi abafundi emabangeni aphansi bayahlolwa lapho bexoxa, belingisa futhi bekhombisa ikakhulu kumaciko okuzenzela nakusifundo sokunyakazisa umzimba, noma ukubhala phansi kusemqoka kakhulu kusifundo so**lwazi lokuqala kanye**

Nesokunyakazisa umzimba nezenhlalakahle.

AmaKhono empilo anika abafundi amathuba okubona umhlaba ngelinye iso bese bewuqonda.Injongo yokuhlola amakhono empilo emabangeni aphansi kungukuhlola nokuthuthukisa ulwazi olusha, amakhono kanye namagugu azosiza ukubalungiselela ukuhlola okuhleliwe emabangeni aphakathi. Kuzozozine izingxenye zesifundo sAmakhono empilo, isizathu sokuhlola, kuwukulekelela futhi ukhuthaze abafundi ubuye uhlole ukuthuthuka kwakhe ngokuphelele. Siyazi ukuthi abafundi sebethole ulwazi namakhono ngokubuka umfundi enza ngokuzimbandakanya emisebenzini ehambisana nalolo lwazi.

Ukuhlola okungahleliwe kumakhono empilo emabangeni aphansi kwenziwa ngokuqhubekayo.Indlela enhle yokwenza lokhu ukuba nencwadi ozobhala okubonayo ngesikhathi abafundi benza. Noma yini into oyithandile nenhle oyibonile noma engakugculisi kumele uyibhale kulencwadi, futhi uyilandele nsukuzonke. La manothi kumele abe nohlelo lokufundisa, kanye nokuhlola okuzayo. Kumakhono empilo emabangeni aphansi kumele umfundi ngamunye ahlolwe ngokuhleliwe ngokumbuka noma abhale ngakutholile okungenani kanye ngethemu ngeyodwa yalezingxenye .Izindlela zokuhlola kufanele zihambisana neminyaka kanye nezinga lokukhula kwakhe.Ukwakhiwa kwale misebenzi kumele kuhambisane nengqikithi leyo yesifundo esizoxuba izinhlobo ezehlukene zemisebenzi ukuphumelelisa izinjongo zaleso sifundo.

Ukuhlola kuyenzeka kumfundi ngamunye, ngamaqembu amancane namakhulu ngesikhathi sokudlala bekhululekile njengengxenye yemisebenzi ehleliwe. Uhlu lokuhlola nerubhriki kungasetshenziswa ukubhala imiphumela yalokho okuhloliwe. Ukuhlola okuhleliwe nolungahleliwe kuzosiza uthisha ukuthi akwazi ukulandelela nokubhekela indlela umfundi aqhuba ngayo kuthemu yonke.

Ukuhlola kuyabhalwa bese kubikwa kubazali. Abafundi bangazikhethela ukuthi yimiphi imisebenzi abafuna ukuyigcina. Lokhu kungagcinwa kumafayela, kukhangiswe lapho kufika abazali.. . Kufanele lemisebenzi yabafundi ikhangiswe ekilasini. Ngezinye izikhathi lemisebenzi kungahanjwa nayo kuyiwe emakhaya ukuze ikilasi lingaminyaniswa yiyo.

## 4.2 UHLELO LOKUHLOLA

Ukuhlola kusifundo sAmakhono empilo emabangeni aphansi kwenziwa ngokungahleliwe ngokuqhubekayo. Ukuhlola okuhleliwe kumfundi ngamunye, kanye ngethemu,kumele uthisha akubhale ngokuhleliwe.

## 4.3 UKUBHEKELELA BONKE ABAFUNDI

Kubafundi abaningi abazoqala ibanga -R neBanga 1 kuba kube nesasasa elikhulu. Bayobe besezingeni elingafani benamakhono angafani. Uthisha kumele athole izidingo zomfundi ngamunye ngokuhlola okuhleliwe nokungahleliwe. Kunesidingo sokuthi abanye abafundi bathole ithuba lokwenza imisebenzi eyengeziwe. Ngokulandela ukuhlola okuqhubekayo, uthisha kulindeleke ukuba alungiselele bonke abafundi esifundweni nasekuhlolweni.

## 4.4 UKUBHALA NOKUBIKA

Ukubhala kuyinto okumele iqhubeke lapho uthisha ebhala khona ngokwezinga lokusebenza komfundi kanye nenqubekela phambili yokufezekisa ulwazi olubekwe kuma-CAPS. Izincwadi ezikhombisa izinga lokusebenza komfundi yizo ezikhombisa inqubekelaphambili kwibanga nokulungela ukuqhubekela ebangeni elilandelayo.

Ukubika kuyinto okumele iqhubeke ngokuxhumanisa ukusebenza komfundi, abazali, isikole, nabanye abathintekayo kwezemfundo. Ukusebenza komfundi kungabikwa ngezindlela eziningi ezihlukile, kufaka iripoti, imihlangano yabazali, izinsuku zokuvakashela esikoleni,umhlangano kathisha nomzali,ukushaya ucingo, izincwadi, iphephandaba lekilasi noma ibhuku lesikole.. Othisha bamabanga onke babika ngamaphesenti kuzo zonke izifundo. Imiphumela ehlukene yezigaba kanye namaphesenti ahambisanayo, kuyatshengiswa ohlelweni ngezansi.

**AMAKHODI NAMAPHESENTI OKUREKHODA NOKUBIKA**

| IKHODI | INCAZELO NGENDLELA AQHUBE NGAYO UMFUNDI | IPHESENTI |
|---|---|---|
| 7 | Umphumela ovelele | 80 - 100 |
| 6 | Umphumela oncomekayo | 70 - 79 |
| 5 | Umphumela owanele | 60 - 69 |
| 4 | Umphumela ogculisayo | 50 - 59 |
| 3 | Umphumela olingene | 40 - 49 |
| 2 | Umphumela ongagculisi | 30 - 39 |
| 1 | Umphumela ongalungile | 0 - 29 |

thisha bayobhala imiphumela eyiyo ngokomsebenzi onikiwe besebenzisa ikhasi lokurekhoda; bese bebhala amaphesenti maduze naleso sifundo eriphothini yomfundi.

## 4.5 OKUJWAYELEKILE

Loso mqulu mawufundwe uhlanganiswa nalokhu okulandelayo:

**4.5.1** *National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement Grades R-12;* and

**4.5.2** The policy document, *National Protocol for Assessment Grades R-12.*